


UBUNKULUNKULU BUYACHAZWA

 Ngiyabonga, Mfowethu Carlson, Ngiyanibingelela nani nonke bazalwane nodadewethu eNkosini. Kuyi... Ngezinye izikhathi ngiyaye ngivele ngizizwe ngimanqikanqika ukusukuma, uma ngilalele izimfazozo ezimnandi kangaka, kanjalo kanjalo, njengoba kade ngenza namhlanje ekuseni. Futhi, kwase-ke, umfo wasedolobheni lakithi ekuhluphekeni nasekuhlushweni, njengoba umfowethu nodadewethu abangamaBaptisti bedlule kukho; ngokwaphambilini u—umBaptisti, mina uqobo, uMfundisi-sithunywa oyiBaptisti, no—nokwazi ukuthi kuchazani uma abantu bakini... .

² Nganginento efanayo. Abantu abangabakithi uqobo bangikhipha, futhi bacabanga ukuthi bazongixosha ngoba ngase ngihlanya. Futhi ngathola, futhi bengihlale ngikusho ngendledlana engathi iyazungeleza, “Uma ngihlanya, ngiyeke nje, ngoba ngijabule kakhulu ngalendlela kunangesikhathi ngisaphila kahle engqondweni yami.” Yebo, mnumzane. Ngiyabonga. Ake ngi... Ngakho yileyonhlobo encane yenhlakanipho yokwazi ukudabuka kwezinto zonke ezikhona engiyibambayo, eyami uqobo. Futhi—futhi ngempela bengisijabulela lesi—lesisikhathi sokuba ngalendlela.

³ Nomfowethu weBandla likaKristu omncane lapha, njengoba sihlale silibiza kanjalo, kumbe abakaCampbell. Futhi ngiyakhumbula babengabaphatheka kabi ngempela bemelene nezinkonzo ngenkathi sisaqala okokuqala. Kodwa, niyazi, sake sabanaye othiwa uPawulu ngesinye isikhathi naye wayenjalo, futhi uba ngomunye wethu. Ngakho ngicabanga ukuthi ngokujwayelekile abakubhekayo yimpilo oyiphilayo. Uyazi, kungcono ukuba ngiyiphile intshumayelo kunokuba ngiyishumayele, noma yinini.

⁴ Ngesinye isikhathi esadlule, umfundisi omkhulu, indoda elungileyo egwele iVangeli; nonke—nonke niyamazi, ngiyethemba. NguMfu. Booth-Clibborn; ushumayela iVangeli ngezilimi eziyisikhombisa ezahlukeneyo. Uhlakaniphe ngempela. Futhi ngi... Ungonengqondo edlondlobele. Futhi sasihambisana ndawonye ngesinye isikhathi, futhi yena benoMfowethu Moore nami, futhi sasixoxa okuthize. Futhi ngangingasohlangothini oluphikisana naye, futhi wangibuka wangizungeza. Wathi, “Nje awulazi iBhayibheli lakho.” Niyamazi uMfowethu Booth ukuthi ukhuluma kanjani.

⁵ Ngathi, “Yiqiniso lelo, Mfowethu Booth, kodwa ngimazi kahle kakhulu uMqambi.” Ngakho, ngakho ngi—ngifuna... Niyazi, akusikho ukwazi iZwi laKhe okungukuPhila, kodwa, “ukwazi Yena kungukuPhila.” Kunjalo. Niyabona na?

Nomangabe ngiyalazi iZwi laKhe; uma nje ngingaba nokwazi Yena! Futhi lokho ngempela kuyiQiniso.

⁶ Bengi, namhlanje ekuseni, ngixhawulana nalobubudlelwane obuhle lapha, babefundisi. Futhi ohlezi phansi lapha bekuyile... Angiqondile ukwenza noma ngubani abengogqamile. Kodwa lomlisa wekhaladi wangena, umfowethu, wahlala phansi laphaya. Ngathi kunobhala wami lapha, “Nanguya umKristu wangeqiniso.”

⁷ Ungikhumbuza kakhulu e Elder Smith owayeke waba yiBandla likaNkulunkulu kuKristu, ngiyakholwa. Ngangivamise ukushumayela kakhulu kubo ezansi laphaya, futhi—futhi sengathi ngisambona namanje. Wayethi akafane nomfowethu lapha, kuphela yena wayenamadevu athe ukuba mpunga. Ngangingena ngomnyango ongemuva, futhi angisoze ngasikohlwa isisho indoda endala eyayivame ukusisho; ibuke phezulu, futhi bonke abangwele bacule, uyazi. Futhi kwakukhona intombazanyana eyayivamise ukuhlala ekhoni. Iculo lami engilithandayo lalithi *Mphakamiseni*. Futhi bonke babeshaya ihlombe, umkhuba wamapentekoste, uyazi, *Mphakamiseni*. Babengithanda, nami ngangibathanda. Futhi lapho singena. Wayevamise ukuhlala ngalaphaya, nekhandla lakhe elenze kanje, phezu kwedeski, bese ebabuka, uyazi. Wayethi, “Ngena, lilunga. Yeyamisa isigqoko sakho. Yeyamisa isigqoko sakho.”

⁸ Umfowethu lapha; futhi ngafunda, ngaleyonkathi, ukuthi omunye wabaculi beVangeli bami engibathandayo ngunkosikazi wakhe. Futhi ngenza konke ukuqhweba engingakwenza, ukuba ngimcele ukuba acule. Kwase, ke, ecela ukuba angabizwa, futhi ngiyazi ukuthi lokho kuchaza ukuthini. Kodwa ngizoziyela mathupha ukuba ngimmeme, uma engaphumelela, eze ngapha azocula.

⁹ Hhayi-ke, awusuyena yini udadewethu owacula—owacula lelo, *Ship Ahoy*, ngelinye ilanga ekuseni koSomaBhizinisi bamaKristu, manje na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane. Yebo.”—Umhl.] Ngiyethemba umkami uzovuka kuleliviki, futhi ngifuna akuzwe, ngoba ngiqhoshe kakhulu. Futhi uma ukugeja lokho eteyipini, sizokulungisa. Ngiyakuthanda lokho kucula okuhle.

¹⁰ Futhi, ngangivame ukutshela abantu, nga—ngangingakaze ngikwazi ukucula. O, he, ngangikude ngesigidi samamayela kulokho. Kodwa ngathi, “Uma kwenzeka ungena ngale eZulwini bese uhlala esigodlweni sakho esikhulu, uyazi, phezulu Le,” ngathi, “le ezansi ekugcineni kwentaba, emuva ehlathini emuva laphaya, kukhona indlwanyana yezingodo ekhona lapho. Kuyoba kungeyami. Futhi ngokunye kwalokhu ukusa lapho uhamba phandle egosini lasendlini bese uzwa umuntu mumbé emi lapho, ecula, ‘Umusa omangalisayo! umsindo

ozwakala kamnandi, wasindisa isihlupheki esinjengami!’ Uthi, ‘Akabongwe uNkulunkulu! UMFowethu Branham omdala ekugcineni uphumelelile.’” Kuyoba yimina ngingale ngizama ukucula.

¹¹ Kubazalwane bami abangamaKristu, naku... ngikholwa ukuthi omunye umfowethu umethulile kithina, namhlanje ekuseni, njengomfundisi kaBuddha, ngapha. Ngiyakubingelela, mngane wami oligugu. Futhi ngibe nokuningi ukukunikeza, hhayi okuningi kakhulu, kodwa nabantu bakaBuddha; futhi kakhulukazi eCanada, phakathi kwabantu abangamaShayina, futhi ngabathola benothando kakhulu futhi bemnene.

¹² Ngiyamkhumbula umlisa omncane kaBuddha wasethempelini lika Buddha, wangena emhlanganweni eWinnipeg, futhi wayeyimpumputhe. Mncane impela, abantu abancane abamnene, futhi babekholwa ngempela ukuthi uNkulunkulu wayengumphulukisi. Futhi ngisamkhulekela, futhi wayelokhu ephinda phinda, ukuthi wayemthanda kangakanani uNkulunkulu, futhi khonamanjalo amehlo akhe avuleka, e... Futhi kwakuyi—yinto emangalisayo. Ngakho, si—sithakasela wonke owesilisa nawo wonke umuntu.

¹³ Manje, angizange ngibenalo lelithuba phambilini, eChicago, ukuzama ukukhuluma... Okungukuthi, angizamanga ukwethula noma yimuphi umlayezo othize, ngenxa yabefundisi lapha bangogoti kunami, ukwethula umlayezo. Kodwa, eqinisweni, anikho lapha ukuzozwa umlayezo. Kodwa ngacabanga ukuthi kungaba yisikhathi esihle kakhulu ngokwedlulele ukuba ngibonane nabefundisi baseChicago, kulesisigodi phakathi lapha, futhi ngazane kakhulu nabo, futhi sazane kakhulu omunye nomunye. Futhi impela ngibonga iNkosi ngalelithuba. Ngoba, ngifikile kulelidolobha izikhathi eziningi lapha, ngaphansi koxhaso olulodwa lwebandla, nangaphansi koxhaso loSomaBhizinisi bamaKristu; ngakho-ke, kungelona ithuba lokuzibonga enhlanganweni yabazalwane.

¹⁴ Nga—ngase-ke ngicabanga, futhi kuningi kakhulu okuhlala kulandela intshumayelo efana nalena, kwemininingwane, impumelelo nokungaphumeleli, kuze kuthi ngezinye izikhathi kubelula komunye ukuba abenomcabango oliphutha. Futhi ngifuna ukuthatha lemizuzu embalwa elandelayo ukuzama ukuchaza no—nokucacisa kubazalwane bami, ngikwenze kucape ngayoyonke indlela engikwazi ngayo.

¹⁵ Futhi anganele futhi anginalo ikhono lokwenza i—inkulumo mhlawumbe engabonakala inokuhlakanipha kubantu abafundisiweyo. Anginayo imfundo, futhi ngisilele kulokho. Kodwa ngang... thanda iNkosi. NeNkosi yanginikeza, mhlawumbe, enye indlela ukuzuza imiphefumulo, ngesiphiwo sikaNkulunkulu, ukuze sigwalise isikhala salokho abazali bami abangakwazanga ukunginika khona, imfundo. Ekhaya

lomndeni ompofu, nabantwana abalishumi, nobaba ogulayo, futhi angilitholanga ithuba lokuthola imfundo. Ngakho-ke, kodwa, ekuzalweni, kukhona into eyenzekayo, ulwazi noNkulunkulu, kumama wami nobaba. Futhi niwufundile umlando wami. Futhi, ngalokho, ngizama ukufaka ingxenye yami, nani bazalwane, ukudonsela izoni kuKristu. Namanje ngi...

¹⁶ Angisuye okholelwa ezeni. Kodwa ngihlala nje njalo, ngaphambi kokuvula iZwi, ngithanda ukukhuluma noMlobi kancanyana. Ngakho ake sikhothamise amakhanda ethu futhi okwesikhashana.

¹⁷ Baba wethu othandeka kakhulu, Wena unguNkulunkulu wethu, futhi sivelela kuWe ngenxa yeVangeli. Ngilapha phambi kwabantwana baKho, abefundisi baKho, nabazalwane bokukholwa okuligugu okufanayo. Nokuthi kuvusa ugqozi kangakanani enhliziyweni yami ukuzwa lamadoda abengaqondwa kahle, ase ethunyelwa ezikoleni ezinkulu, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu; siyabona ukuthi Ubabiza kanjani abantwana baKho ezinsukwini zokugcina.

¹⁸ Futhi sikholwa ngeqiniso, Baba, ukuthi siphila ekupheleni kokugijima. Njengoba umprofethi athi, “Kuyobakhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Sikholwa futhi namhlanje ukuthi siyizigijimi zalokhu ukuKhanya kweVangeli lokho, ngomusa waKho, Usivumele ukuba siwuthwale siwuse emaphethelweni omhlaba, lapho lemvuselelo eye khona.

¹⁹ Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi, enhliziyweni yami, ukuthi Wena uzongivumela ngizwakalise kubazalwane bami, namhlanje ekuseni, injongo nempokophelo yempilo yami kuWe, ukuze baqonde. Siphe khona, ukuze sibe nothando oluphelele, nokuzwana, nobambiswano, kukho konke ukusebenza kweVangeli. Lokhu sikucela eGameni likaJesu, Owakhulekela ukuba sibe munye, njengoba Yena noYise babeMunye. Sikholwa yilokhu, ukuthi, “Lokhu bonke abantu bayakukwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando, omunye nomunye.” Amen.

²⁰ Manje vele... Futhi ngiyethemba futhi ngiyakholwa ukuthi anginidini bazalwane nodadewethu, ngalokhu. Kodwa ngicabanga ukuthi ngizothanda ukuzicacisa, ukuze ningezwa lokho okushiwo ngomunye. Futhi ngichazile, kaningi, kwezinye izinkonzo zabefundisi, kodwa lokhu okokuqala kimi eqenjini laseChicago, futhi ngizothanda ukuba ngizenze ngaziwe kahle hle, ngalokho engizama ukukwenza.

²¹ EVangelini elidala elibusisiweyo lapha, isahluko 26 seNcwadi yeZenzo, siyafunda.

*Ngalokho, O nkosi Agripa, angibanga
ngongawulaleliyo umbono wasezulwini:*

²² Lokhu, kusobala, nguPawulu okhulumayo. Okungukuthi, thina sisonke, njengabefundisi, siyathanda ukuba sibuye sibhekise kuye, ngoba yena... Thina, nganhliziyonye, siyakholwa ukuthi wayengumpostoli webandla labeZizwe, ukuthi uNkulunkulu wambizela ukuba abe ngu—ngufakazi kwabeZizwe. Futhi inkonzo yakhe ibiyilokhu ingatshazwa.

²³ Futhi ngokwejwayelekile, yonke into engejwayelekile ithi vumbu, iyangatshazwa. Iyilokhu, futhi ngicabanga ukuthi kuliqiniso impela; ifanele ukungatshazwa. Futhi ngicabanga ukuthi abefundisi ngezinye izikhathi babanezinsolo ze—zezinto abazizwayo, futhi ngicabanga ukuthi banelungelo lokwenzenjalo. Ngoba, uma ngiqonda ukuhunyushwa kwegama *pastor*, lichaza u “melusi wezimvu.” Futhi, ngakho, ungu—ngu—ngumondli, kumbe umelusi, weqembu labesilisa nabesifazane uMoya oNgcwele omenze waba ngumbonisi wabo. Futhi unelungelo lokwazi ukuthi nhloboni yokudla izimvu zakhe ezikutholayo, nokuthi kuvelaphi. Ngicabanga ukuthi unelungelo kulokho.

²⁴ Futhi uma umfundisi, kumbe ngezinye izikhathi abantu, bazobonakala bethi ukuba nezinsolo, lokho akufanele nhlobo, akufanele kukhathaze noma ubani. Kufanele kuphela kulethe inhlonipho enhliziyweni yomuntu, ngomuntu o—omileyo, ozokubuza. Futhi, eqinisweni, uma ungaqinisekile ukuthi usemgqeni ngokuyikho, unгахamba kanjani ngokukholwa na?

²⁵ Uma ubeka emqondweni wakho... Manje, lokhu kubonakala kuyinjulamqondo; okungathi mhlawumbe yiyo, futhi yiyo, kepha kulungile. Kodwa uvele ngempela, enhliziyweni yakho, ocabanga ukuthi awusoze wakwazi ukuvuka etafuleni, mhlawumbe ungeke. Niyabona na? Ufanele... Kulula kanjalo nje.

²⁶ Ufanele ukholwe. Ufanele ubenokukholwa. Ufanele ubenokwethemba. Futhi ungaba kanjani nokwethemba kunoma yikuphi onga—ongazi ngisho ukuthi uyaphi na? Ngingahamba kanjani ngehle ngomgwaqo engingakaze ngibe kuwo, ngejubane elephula intamo, nakuwo onke amajika, ngingazi ukuthi ijika elilandelayo liphetheni na? Ufanele ubone ukuthi uyaphi, kungenjalo awukwazi ukuhamba. Futhi yingaleyo ndlela wonke umuntu okufanele abeyiyo. Bese-ke uma ukwazi, uyakubona, kwembulwa kuwe, futhi uyazi ukuthi uyaphi, khona-ke akukho lutho oluzokumisa.

²⁷ Futhi lokho kungukuthi, ngicabanga, uPawulu, ayezama ukukufinyelelisa kuAgripha lapha. Ukuthi, wa—wabatshela ukuthi, “Ngake ngaba ngomunye wenu.”

²⁸ Futhi ngicabanga ukuthi, mhlawumbe, uma—uma lomfowethu oyiBaptisti, futhi engaya ebandleni iBaptisti namhlanje ekuseni, yena nomkakhe, lokho mhlawumbe kungaba ngubufakazi babo. “Nga—ngake ngaba ngomunye wenu.”

²⁹ Kumbé, iBandla likaKristu, kumbé u—umfowethu weCampbell lapha, engaya ku—kubantu bakubo. Ngikholwa yikuthi libizwa ngokuthi yigama elingcono; abaFundi bakaKristu, balibiza kanjalo, kodwa empeleni lingelemfundiso ka Alexander Campbell. Lase-ke liphuma iBandla likaKristu, uyazi, ngenxa yomculo. Kunjalo, akunjalo na? Futhi uma ubengahle abuyele kubo, ubengathi, “Ngake ngaba owakini.”

³⁰ NoPawulu ubuyela emuva lapha eNkosini u Agripa, noFestu, wayesethi, “Ngake ngaba owakini. NgangingumFarisi wabaFarisi.” Waqubuka phansi kukaGamaliyeli, umfundisi omkhulu, futhi wayeyazi yonke imithetho nezimiso zabo, nalokho impela ababekukholwa nalokho ababengakukholwa. Futhi wathi, “Ngalizingela ngisho iBandla likaNkulunkulu kwaze kwaba sekufeni.” Niyabona na? Wathi, “Yona lento engibuzwa ngayo, ngangingumzingeli wayo.”

³¹ Futhi bengihlale ngicabanga ukuthi ukufa kukaStefanu kwamthinta uPawulu, ngoba mhla ebone lokho kubuka okukhazimulayo ebusweni buka Stefanu. Lapho ebuka phezulu, amagabade emshaya aze afe, futhi wathi, “Ngibona uJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.” Futhi niyazi, ungasibulala isithunywa, kodwa awusoze wawubulala umlayezo waso. LiQiniso. Futhi umlayezo, nakuba uStefanu wayesehambile ukuyoma noJesu, nokho, umlayezo wakhe waqhubeka njalo, ngoba uPawulu wayelokhu ekhuluma ngawo, futhi, yini ukuthi, ungo “mncinyane” wabo, futhi wayengafanele ukubizwa ngokuthi unguye, ngoba wayebone ngamehlo futhi—futhi waba nokuvumelana ukususa lomuntu kaNkulunkulu.

³² Futhi ngakho-ke, uPawulu, njengawo onke amadoda, phambi kwamadoda, okwakufanele akwenze, uPawulu uthatha i-izehlo zakhe, emuva, kusukela ekuqaleni, kuye kulokho ayeyikho; abese ekubeka-ke bese ekweseka ngomBhalo, ukukhombisa ukuthi ayekwenza kwakungokomBhalo. Nakuba kwakuphambene nenkolelo yabo, nokho wayebakhombisa ukuthi kwakungomBhalo.

³³ Ngakho-ke, ngicabanga ukuthi thina... Noma yini, njengoba bengihlale ngisho, bazalwane, nina enike nabasezinkonzweni, ukuthi, uma ngingahle ngitholakale ngikhuluma izinto okungesizo ezokomBhalo, ngakho ngicabanga ukuthi kuliqiniso ukuthi... kumbé noma yimuphi omunye umfowethu, kufanele sihlangane bese sithi, “Lokho akutholakali eBhayibhelini,” niyabona. Uma kuseBhayibhelini, ungabanokuhumusha okwahlukileyo; kodwa, kungukuthi, uma kusemBhalweni, kulungile.

³⁴ Manje, uPawulu wayenikeza incazo yakhe yalokho okwashiwo ngumprofethi, nalokho okwashiwo uMose, kwakuzofezeka. Futhi wahlangabezana noJesu endleleni, embonweni. NaloJesu wambiza.

35 Okungukuthi, kwakungafanele kube yinto elukhuni kulawomaJuda, njengoba athi, “Festu odumileyo,” na—nakanjalo kanjalo, ukuthi “kungaba yinto engakholeki kini, ukuthi uNkulunkulu angavusa abafileyo na?” Niyabona na? “Ngoba uma nazi ukuthi uNkulunkulu wayeyini emuva le, nge—ngemiBhalo, impela niyokwazi ukuthi Uyakwazi ukuvusa abafileyo.”

36 Wayesethi-ke, wayebanikezile okwamehlela esendleleni ebheke eDamaseku, ngalokho okwenzekayo, lokho, ukubazisa ukuthi loJesu aba—ababebanga esikhulu isiyaluyalu ngaye ngokuLishumayela, wayenguye lowoNkulunkulu ababelokhu bemkhonza njalo. Ngoba, Wayesehlane nabo, Owabaholayo, eyilokho kuKhanya; uMlilo, iNsika yoMlilo eyabaholayo. Futhi Wabonakala kuPawulu entweni efanayo, ukuKhanya futhi, okwamphuphuthekisayo. Wayesebuza, “Ungubani, Nkosi na?”

37 Wayesethi, “NginguJesu, omhluphayo. Futhi kul’khuni ukukhahlela emeveni.”

38 Futhi wayezama ukubachazela ukuthi kwakuyini, futhi—futhi wayezama ukubafundisa lokho, ukuthi lokho ayekwethula kubantu, lokho kwakungukuthi, ukuthi, “UJesu Kristu wayenguMesiya, nokuthi Wayefile, noNkulunkulu wabe eMvusile.” Futhi lokho kwakungokwemiBhalo. “Nokuthi manje Wayesenyukele Phezulu, kuNkulunkulu uYise,” nokuthi—ukuthi wayengufakazi wokuvuka kwaKhe. Futhi, ukuthi, lezizimangaliso, nezibonakaliso, nezimanga, ezazingejwayelekile phambi kwabantu, zazingeyona into entsha kweleqiniso, ikholwa lemiBhalo, ngoba iBhayibheli lalikhulumile ngakho.

39 Buka emuva kubaprofethi, ukuthi kwaprofethwa, ukuthi, ekufikeni kukaMesiya, nokuthi Uyokwenzani, “Unyonga luyakutshekula njengendluzele,” kuIsaya 35 neminye imiBhalo ayengabhekisa kuyo. Asinawo olotshwe lapha, kodwa mhlawumbe ebuyela emuva futhi ebhekisa kuwo enkulumweni yakhe emfushane phambi kwamakhosi; ngoba, mhlawumbe babengeke bambekizelele njengoba ningibekezelela nina. Ngakho, wayeseke wa—wayekuchaza, futhi ezama ukubatshela ukuthi yena lowoNkulunkulu ababemkhonza. . .

40 Wase-ke, futhi, wathi, “Ngendlela ethiwa *ukweduka*,” okungukuthi, “ukuhlanya,” niyabo. “Indlela ethiwa ukweduka, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu enimkhonzayo.” Niyabo, “Ngendlela ethiwa ukweduka.”

41 Ngineqiniso ukuthi, namhlanje, ukuba sama namabandla akuqala esasisonta kuwo, njengePresbyterian, iKatolika, iBaptisti, namanye ahlukile, sasingasho ubufakazi obufanayo kulabobantu abathi bafuna, njengokuthi, ukufaka umfowethu egumbini labaphethwe yisifo sengqondo, kumbe into efan

naleyo. “Ngendlela ethiwa ukweduka, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu.”

⁴² Futhi lobo kwaba ngubufakazi obumnandi kabi obabuphambi kuka Agripha, kwaze kwathi ngisho phakathi nengxoxo yakhe, u Agripha wamemeza kakhulu, wayesethi, “Pawulu, Sawulu, kusilele kancane ungivumise ngibe ngumKristu.” Niyabo, ukuthi, wayiletha kanjani yacaca bha imiBhalo, nokho yayiphambene nesinagoge lakhe qho. Kodwa imiBhalo yayicace ngokupheleleyo, waze wathi, “Kusilele kancane ungivumise ngibe njengoba unjalo nawe.”

⁴³ UPawulu wathi, “Ngifisa ukuba ubungaba nguye, ngakho konke, kuphela ebengingekuthande ukuba ube kulezizibopho engikuzo, niyabo,” kodwa ukuba abelikhulwa njengoba ayeyilo. Ngamanye amazwi, uma ngi... “Ngifisa kuNkulunkulu ukuba ububone isambulo nje—njengoba ngisibona.” Ngamanye amazwi, “Ngi—ngifisa sengathi ubungakwenza lokho.” Niyabona na? “Ngifisa nje sengathi ubungakwenza.”

⁴⁴ Lapho, uFestu, ngiyakholwa, esemtshela ukuthi “ufunde kakhulu,” wayese “hlanya ekhanda lakhe.” Kodwa wamazisa ukuthi waye—ukuthi wayengenjalo; ukuthi wa—wayazi ukuthi wabe ekuphi.

⁴⁵ Futhi ngingasho lokhu, namhlanje ekuseni, bazalwane. Ngakho konke ngifisa sengathi nginga... Kungesikho ukugudlisela empilweni kaPawulu, kodwa nje ukuze nginikeze isisekelo esincane senkulumo. Kusobala, baningi abanye lapha mhlawumbe abazokhuluma namhlanje ekuseni, kodwa ngifune lelithuba ukuba ngisho lokhu. Manje ngifisa sengathi onke amabandla ngokwehlukana, njengoba nginizwile nehlela phansi, iBethel Temple, i Independent, i Assemblies of God, namanye ehluKile... Ngifisa sengathi ngakho konke ningakubona engikubonayo. Ukuze nikwazi, ngifisa sengathi ningawubona umbono engiwubonayo, khona-ke ningaba nokuqonda okucacile, okungokwenkonzo.

⁴⁶ Ngenkathi ngishiya ibandla lamaBaptisti, ukuba ngiwelele epentekoste; noDr. Roy E Davis, owayengicobele ebandleni iMissionary Baptisti, wangitshela ukuthi nganginephupho elisabisayo, ngenkathi umbono weNkosi ufika futhi—futhi yakhuluma nami. Futhi—futhi niyazi ukuthi kwaba ukuphulukisa okunjani ngaleyonkathi, kwakusekulehlani okuphansi.

⁴⁷ Futhi—futhi ngangigazi lutho ngamaPentekoste. Ngezwa ukuthi babeyisixuku sabaginqiki abangcwele ababelala phansi bagxaze amathe njengezinja ezihlanyayo, futhi babeze baphephethwe babaphaphamise, nakho konke kanjalo. Yilokho kuphela engangikwazi ngabantu bamaPentekoste.

Wathi, “Ucabanga ukuthi ubani oyokuzwa na?”

48 Ngathi, “Uma uNkulunkulu engithuma, kukhona ndawo thize futhi othize Angithumela kuye.” Kunjalo. Niyabona na? Kusobala, ngathi, “Dr. Davis,” ngathi, “Wayenguye ngempela; ngama ngaMbuka,” ngasho. Bangitshela ukuthi leyomibono . . .

49 Ngilikhulwa elikhulu, bazalwane, lokuthi—lokuthi iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka. Ngi—ngiyakukholwa lokho. Uyazalwa, ungeke waba yinto ongesiyo. Futhi uma uzama ukuzenza into ongesiyo, kuphela nje udlala indawo yomzenzisi. Futhi Nkulunkulu mangife ngaphambi kokuba ngibe ngumzenzisi, niyabona. Mangibe yilokho engiyikho nje, bese ngikwenza kubesobala kucace. Futhi—futhi, bese, ma—mangibe ngaleyondlela, bese-ke wonke umuntu uyazi. Bese wazi ngempela.

50 Futhi ngakho manje, njengoba nazi, angikutholanga ukufunda kwasesikoleni, njengoba ngasho. Ngakho kweyami . . . kwisayense yezindaba zenkolo, angazi nolunci. Futhi ngiqagele niyakwazi lokho, niyabo. Futhi njengomshumayeli, kul’khuni nokuthi ngingazibiza ngokuthi nginguye, ngenxa yokungatholi ukufunda kwasesikoleni nokwazi amazwi, nokunjalo. Kodwa lokho okuncane enginakho, uku . . . njengolwazi lwami lokwazi, ngomusa waKhe, iNkosi uJesu, ngizama ukukuhlephulelana lokho nabo bonke abafowethu ndawo zonke, ukuhlephulelana lokhu.

51 Futhi, kodwa, ngenkathi ngishiya ibandla lamaBaptisti; okuyilona bandla kuphela engake ngangena kulo, kumbe engagcotshwa kulo. Futhi ngagcotshwa ngo 1933, ebandleni leMissionary Baptisti, eJeffersonville, eIndiana. Liyi—yi . . . liyilunga leNgqungquthela yeBaptisti yangaseNingizimu. Ngakho thina, ngalesisikhathi, ngi . . . ngenkathi ngiphuma futhi vele . . .

52 Manje, ibandla lamaBaptisti liyibandla lobukhosi. So—sonke siyakwazi lokho, ukuthi liyi—liyi . . . Ungashumayela nganoma yini ofuna ukushumayela ngayo, uma ibandla lakho lizokumela lokho. Bavele . . . Ufuna ukushumayela nganoma yikuphi okufisayo.

53 Futhi ngiyakuthanda lokho, niyabo, ngoba ngikhulwa ukuthi kungubupostoli. Ngoba, inhloko, uhlelo oluphakeme kakhulu kunazo zonke ebandleni, ngumelusi wezimvu, siyakuqonda lokho, umelusi. Futhi—futhi uma u—u . . . Uma umbhishophi othize kumbe noma ngubani omunye ezoqumba phansi isambulo kumelusi, pho uNkulunkulu uyoke asebenze kanjani ebandleni lakhe na? Uyabona, ungeke nje usithole. Ngakho, futhi ngine . . .

54 Sengiphuma lapho, ngahlangana neqembu lokuqala, okwaba ngukuphulukiswa kukaBetty Daugherty omncane, eSt. Louis, eMissouri. Futhi kwaba kuyiPentecostal United, kumbe ibandla lePentecostal Jesus’Name, nalomelusi wayekhonzwa

kulo, nentombazanyana yakhe yaphulukiswa. Ngokukhuluma okusobala, ngacabanga ukuthi yilokho okwamenza waba ngowepentekoste, kwakuyingoba babezibiza ngo, “Jesus Only.” Futhi ngacabanga ukuthi yilokho okwabenza babayipentekoste, kwaba ngenxa yalokho ababezibiza ngakho, futhi kwakuyilowo umehluko. Ngakho, impela, kwase kuthi kusukela lapho ngaya e.

⁵⁵ Futhi umuntu olungileyo; sasinomhlangano omkhulu eSt. Louis, isithombe siyabonakala phakathi lapho. Futhi sasiseHhola iKiel; futhi ebusukwini bokuqala, kumbe obubili, kwakukhona izinkulungwane ezilishumi nane ezagcwala phama, futhi sasingakwazi ngisho... saze sabeka amaphoyisa azungeza iminyango, ukubaqhelisa.

⁵⁶ Kwase kuthi kusukela lapho, kwehlela kuRichard T. Reed, weBlessed Old Bible Hour Tabernacle, kuJonesboro, naye owayengowenhlangano efanayo. Futhi kusukela kulokho, kwaya kuDr. G.H. Brown, inhlangano efanayo, e 505 Victor Street, eLittle Rock, Arkansas. Futhi, kusukela lapho, kwaya eWest Coast.

⁵⁷ Kwathi-ke sengifika eWest Coast, ngashaya umlilo. Ngase-ke ngithola ukuthi kwakukhona okuningi ukwahlukana phakathi kwabantu abangamapentekoste, ezinhlanganweni zabo, njengoba sinakho thina maBaptisti. Niyabona, babe-babenomningi umehluko, owawukhona, babenokwahluka. Kwakukhona iAssemblies of God, neChurch of God, nokunye, nokunye, no—nomehluko. Futhi bazehlukanise bona, futhi badwebe imigqanyana eyimingcele. Nabo bonke abanye abazalwane baqala ukuza kimi, futhi bangitshela, “Ngani, unguJesus Only, naleliqembu ngapha.”

⁵⁸ Ngathi, “Qhabo, ang—angizibizi kanjalo.” Niyabona na? Wathi, “Ngani, uzibandakanya nabo nje na?” Ngathi, “Qha, lokho—lokho akungenzi ngibe yilokho.” Niyabona na? Futhi ngathi, “Ngi—ngi—ngivele... Babengabafowethu.”

⁵⁹ Wayesethi, “Ngani, bayisixuku se... Ngani, abanalutho kepha bayisixuku sezinti zokuqhwakela oklebe nezinto, macala onke, kanjalo. Lapho...”

⁶⁰ Ngathi, “Manje, ngicela uphinde. Ngihlangabezana namadoda amesabayo ngempela uNkulunkulu lapho. Futhi angamadoda kaNkulunkulu.” Futhi ngathi, “A—angithandi ngempela ukubabiza ngokuthi bangababi; ngoba, abababi.”

⁶¹ Yebo-ke, ngase-ke ngizama ukukuvimba isikhathi eside impela, ngaphandle kokukuzwakalisa ngandlela zombili. Hhayi-ke, ngaqala ukuhlolisisa ukuthi imiqondo yabo yayiyini, nokuthi izinhlukano zabo zazi yini, nokuthi yini eyabenza behlukana. Futhi ngathola ukuthi amabili emaqenjini amakhulu, elinye lawo, lalibizwa ngo Jesus Only, nelinye lalibizwa nge Assemblies of God. Futhi babizelwa ngaphandle,

kumbe behlukana, ngesizathu sokuphikisana ngombhaphathizo wamanzi; elinye lisebenzisa u “Yise, iNdodana, uMoya oNgwele,” nelinye lisebenzisa iGama lika “Jesu.”

⁶² Hhayi-ke, ngabheka, futhi macala omabili kwakukhona amadoda amakhulu, izinceku zikaNkulunkulu. Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, uma ngingahle ngikubone konke lokho kuhlaluka, nokuvele ngihambe nje ngibe... kodwa bangaveli badwebe imigqa yabo, bese bethi, ‘Singeke sakhonza ndawonye.’” Kodwa ngathola ukuthi, kulokhu, umoya omubi wase ungene phakathi kwabo wase udala inzondo nobubi, phezu kwezimpikiswano ezase zifike phakathi kwabo. Ngacabanga, lokho yikho impela udeveli akufunayo. Yilokho nje akufunayo. Uma nje izibhamu zenu ziqeqeshelwe ukuba zibhekane zodwa, asikho isidingo sokulwela ukuba ehlule. Futhi ngi. . .

⁶³ Kwase kuthi-ke, ekugcineni, kufika ekuhlaleni obala kwamaqiniso. Nalokho kuhlala obala kwamaqiniso kwabase Seattle, eWashington, cishe ngo 1946. Futhi ngokunye ukusa ngalethwa ekamelweni lasehhotela elingumhume ohlanganisa amanye amakamelo, into efana nalokhu, sine—neblakufesi labanye abefundisi. Futhi ngangikhuluma namadoda amabili avelele.

⁶⁴ Futhi omunye wawo kwakungu Dr. Ness. Ngiyethemba niyamkhumbula nina bazalwane be Assemblies of God. Wayesezweni langasenyakatho-ntshonalanga; indoda edumileyo, ehlakaniphile, isifundiswa. Futhi wayemele i Assemblies of God.

⁶⁵ Kwase kuthi-ke, uDr. Scism, webandla le United Pentecostal. Ngigagele nina bazalwane be United Pentecostal niyamkhumbula. Naye futhi wayengowasemazweni angasenyakatho-ntshonalanga enhla laphaya, ukuthi wayebangamele nezigodi enhla laphaya.

⁶⁶ Yebo, lamadoda amabili anqwamana. Futhi ngangizolethwa phambi kwabo, ngoba i—izinhlangothi zaziya ngokuba bukhali, futhi kwakungisika ngandlela zonke. Ngase ngicabanga, “Kufanele ngenzenjani na? Ngingenzenjani na?”

⁶⁷ Manje, kuhle, bathi, “Kuhle, kufanele uhambisane nomunye phakathi kwabo. Uma uzohambisana nabe Jesus Name, uzofanele ube yi Jesus Name. Futhi uma uhambisana ne Assemblies of God, uzofanele ushiye kwi Jesus Name, bese uba yi Assemblies of God, kumbe okunye.” Kufika endaweni lapho okwasekufanele khona ngikhombise okuthize.

⁶⁸ Ngathandaza kakhulu ngalokho kusa ngaphambi kokuba ngiye ezansi. Ngathi, “Nkulunkulu, ngisize. Ngoba, kukhona amadoda adumileyo amabili; kunezinkulungwane zezinceku. Futhi Ungithumele ngaphumela lapha nenkonzo. Futhi bobabili bayizinceku zaKho. Futhi ngingaluphonsa ulwazi oluncane enginalo ehlanganweni eyodwa lapho ilwa nenye

na?” Niyabona na? “A—angizizwa ngifanele ukwenza lokho. Angicabangi ukuthi kungaba yintando kaKristu kimi ukuba ngikwenze.” Futhi ngathi, “Nkulunkulu, ngisize unginike okuthize engizokwenza, kumbe unginikeze okuthize engizokusho.”

⁶⁹ Futhi-ke ngangingenamuntu. Ngavele ngama nje lapho, kwaba yiNkosi uJesu nami nje, ngalokhokusa.

⁷⁰ Hhayi-ke, impikiswano enkulu yaqubuka. “Uzokwenzenjani na? Si—si—sinqumo sini ozosenza na?”

⁷¹ Ngathi, “Isinqumo sami sesivele senziwe. Ukuthi, isinqumo sami, singukuma phakathi kwenu nobabili, ngingajoyini neyodwa inhlango; bese ngithi, ngingaxe nobabili, ‘Singabazalwane.’” Niyabona na? Niyabona, singabazalwane. Niyabona na? Futhi ngathi, “Ngizame ukufunda zonke izincwadi engingazifunda, ukuthi lokhu kuqubuka kanjani, lokhu okwakubizwa ngo ‘phumo olusha,’ nokuthi bazehlukanisa kanjani, nokuthi *lona* uqala kanjani ngalendlela nangaleyandlela.” Futhi ngathi, “Ezimpikiswaneni phakathi kwenu,” ngathi, “yiyona leyonto efanayo eyabhidliza ukunyakaza kwepentekoste, ngosuku . . . emva kwePentekoste. Baqala ukuphikisana omunye nomunye.” Futhi ngathi, “Lento iyehlukanisa futhi.”

⁷² Ngathi, “Ngabe kunokwenzeka yini ukuba kubekhona umkhongi phakathi kwenu, nina bazalwane na? Ngabe kukhona utho o—olungama na?”

⁷³ Yebo, abawuvulanga umlomo wabo kulokho, ngoba kwakubukhali kakhulu. Niyazi, cische eshumini nesihlanu, eminyakeni engamashumi amabili eyedlula, ukuthi kwakunjani, ngoba iqembu elilodwa lase liphumile kwelinye, futhi kwakukhona umbango kakhulu.

⁷⁴ Ngakho ngathi, “Qha, bazalwane, nakhu engizokwenza. Ngizo . . . UNkulunkulu akazange angithumele ukuzobhaphathiza, noma ikanjani. Wangithumela ukukhulekela abantwana abagulayo baKhe.” Ngathi, “Ngakho, ngizo—zokhulekela abantwana abagulayo, nina-ke befundisi yenzani ukubhaphathiza kwenu,” ngasho njalo.

⁷⁵ Ngathi, “Manje ngifuna ukunibuza okuthize, ukuze niqonde.” Ngathi, “Mfowethu Ness, lababantu beJesus Name, uyakholwa ukuthi bawemukele uMoya oNgcwele uma bekhuluma ngezilimi futhi benze into efanayo nina ma Assemblies of God eniyenzayo na?”

Wathi, “Impela.”

⁷⁶ Ngathi, “Mfowethu Scism, uyakholwa ukuthi i Assemblies of God inawo uMoya oNgcwele uma bekhuluma ngezilimi futhi benze into efanayo enayenza phezu kombhaphathizo na?”

Wathi, “Impela, ngiyakholwa.”

⁷⁷ Ngathi, “Manje, iBhayibheli lathi, ‘UNkulunkulu upha uMoya oNgwele kulabo abamlalelayo.’ Manje, ubani owaMlalelayo na? Ubani owaMlalelayo na? Ubani kini owaMlalelayo na? Futhi uNkulunkulu wanipha nobabili uMoya oNgwele, niyabo.”

⁷⁸ Ngathi, “Ungasho yini, Mfowethu Scism, ukuthi uMfowethu Ness akanawo uMoya oNgwele na?”

Wathi, “Qhabo.”

⁷⁹ Ngathi, “Ungasho ukuthi uMfowethu Scism akanawo uMoya oNgwele na?”

⁸⁰ “Qhabo.” Niyakubona lokho na? Bobabili babekholwa ukuthi nomunye wayenawo uMoya oNgwele.

⁸¹ Kodwa, niyabo, akunamqondo, bazalwane. Akunamqondo. Futhi ngezwa, kancane nje ukusuka kulokho. . .

Ngizobuyela ephuzwini lami emzuzwini.

⁸² Abazalwane abangamaFinnish ngapha, emva kokuba sengisukile eFinland; lapho uNkulunkulu asinika khona, engacabanga ukuthi, omunye wemihlangano yethu emikhulukazi. Lapho lapho omncane, umfana ofile avuswa khona, nezinto eziningi. Ngahlangana eStockholm, eSweden, noLewi Pethrus webandla iFiladelfiya lapho, oyindoda enkulu kaNkulunkulu, nebandla iFiladelfiya. UMfowethu Gordon Lindsay, obe manje. . . Ngiyacabanga. Angicabangi ukuthi ukhonza kulo manje, kodwa wayengowase Assemblies of God.

⁸³ Ne Assemblies of God ingenye yabaxhasi bami abakhulu, ezizweni ngezizwe. Ne Foursquare, nayo ephume kwi Assemblies of God, ingenye yabaxhasi bami abakhulu. Ama Onesness, ezizweni ngezizwe, ingenye yabaxhasi bami abakhulu. Niyabona na? Futhi ngavele ngamela lokho, kuphela ngayekela izinhlangothi ezibukhali, ngase-ke ngithatha engingama ngakho, ukuthi angiyikuchema nanhlangothi zombili zalokho kuqophisana. Size sikwazi ukubona ukuthi singabafowethu, bese siba ndawonye, khona-ke siyo—siyobona sonke lelophuzu elifanayo eliqondile lapho, esiza kulo, imbangela nempokophelo yokwenzenjalo.

⁸⁴ Futhi u—ufanele uvivinye imbangela yakho nempokophelo, kuqala. Kuqala, thola intando kaNkulunkulu; bese-ke uthola impokophelo yakho; bese-ke uvivinya imbangela yakho bese ubona ukuthi imbangela yakho iyiyo na. Bese, njengoba uJesu asho kuMarku 11:24, “Uma nithi kulentaba, ‘suka,’ futhi ningangabazi enhliziyweni yenu.” Kodwa uma nje usenokungabaza enhliziyweni, noma kambe kuyintando kaNkulunkulu, kumbe imbangela yakho noma impokophelo iliphutha, izosuka kanjani na? Kodwa uma wazi ukuthi imbangela yakho ilungile, futhi kuyintando kaNkulunkulu,

nempokophelo yakho ilungile, izosuka. Yilokho kuphela, kungenjalo uNkulunkulu wakhuluma into eliphutha.

⁸⁵ Yilesa sizathu impela, uma ngiya emsamo, emabandleni, akukho namunye osewake wangizwa ngiphatha lezozinto emsamo, lezozimpikiswano. Ngivele ngiziyeke. Niyabo, lokho kukinina madoda. Niyabona na? Ngilapha ukunisiza nizuze imiphefumulo kuKristu, ngesiphiwo sikaNkulunkulu, niyabo. Niyabona na? Akwenzi mehluko... Yenzani ukubhaphathiza kwenu. Kodwa lapho uma sekuza... .

⁸⁶ Kusobala, bengibizwa ngakho konke. Bengibizwa, angazi ukuthi kuningi kangakanani okungafani, nomaphi kusukela e— e “ndodaneni kaNkulunkulu eyembethe umzimba womuntu” kwehle kuye ku—ku “develi.” Kunjalo, konke. Kodwa, emva kwakho konke, ngingumfowenu, isakhamuzi sakini soMbuso kaNkulunkulu; ngisebenza nani nonke, ngenxa yoMbuso. Futhi lelo yiqiniso.

⁸⁷ Manje ngizothi, uma kulungile, futhi nicabanga ukuthi sinesikhathi esanele, ngithanda ukunitshela ukuthi sakuxoxa kanjani lokho. Kungalunga, bazalwane, umzuzu nje na? [Abefundisi bathi, “Qhubeka. Impela.”—Umhl.] Mfowethu, Mfowethu Ness nabanye... Kulungile. Futhi kungaba yintwanyana enganisiza. Kuzonisiza ukuba niqonde, ukuthi nje.

⁸⁸ Ngibhale phansi, lapha, ezinye zezinto engizikhumbulile. Kwasukela lapho. Ngakho bangibuza, ukuthi yini engangiyikholwa ngo “ziqu-zintathu,” ngabe ngangikholwa ukuthi wayekhona u “ziqu-zintathu” kaNkulunkulu na?

⁸⁹ Manje, bazalwane, ngesikhathi sivelela kulokhu, ngethemba ukuthi, uma lokhu sekuphelile, ukuthi sizobe siyilokhu singabafowethu abafanayo njengoba besikade siyilokhu siyibo. Niyabona na? Kodwa ngizwa ukuthi ngikukweleta nina, ngoba abantu benu bayeza ezinkonzweni zami, futhi ngempela ngingethande ukuxosha omunye wabo, ekhohlisiwe.

⁹⁰ Futhi bengihlala njalo ngibatshela abantu abangibhalela imibuzo, ngaphandle kwalokho engikushumayela emsamo... Futhi nangu unobhala wami, nokunye. Uma bengibuza umbuzo, “Uthini nga *lokhu*, kumbe uthini nga *lokho* na?”

⁹¹ Ngathi, “Buza umfundisi wakho, niyabo. Ngoba, uma ekuhole waze wafika la, waze wemukela uMoya oNgcwele, uzokuqhubekisela phambili, niyabo. Niyabo, niyabo, buza kumfundisi wakho.” Ngoba, izinto ezincane njengalokho zidala ukudideka, ngakho-ke ngiyaziqhelanisa nakho, niyabo.

⁹² Manje, futhi kade kuthiwa ngingo—ngolwa nezinhlango. Manje, anginjalo. Ngicabanga ukuthi izinhlangano ziyamangalisa, kodwa uma inqubo yakho yenhlango yakho ibola, yilokho engiphambene nakho. Niyabona na? Akunendaba nomangabe ekamunye, kumbe—kumbe ekaziq-zintathu,

kumbe nomangabe iyini, inqubo; ukuthi uma ufika endaweni, umanje . . . bese uthi, “Siyi Assemblies of God.”

“Yebo-ke, ubani lowaya ongaphesheya komgwaqo na?”

⁹³ “O, labo ngabazalwane bethu. Ba—babizwa nge United Pentecostal.”

“Yebo-ke, ubani lowaya ongale na?”

⁹⁴ “O, labo abazalwane be Foursquare. O, singabazalwane abamangalisayo. Sinenhlanganyelo enkulu, omunye nomunye.”

“O, nonke nikhholwa yinto efanayo na?”

“O, yebo, siyakholwa.”

“Manje, kuhle, yini pho enenza nibe ngalendlela na?”

⁹⁵ “Qha, *laba* abazalwane babhaphathiza ngalendlela. *Nalaba* babhaphathiza ngalendlela, esingakwenzi thina. *Nalabababhaphathiza* . . .”

⁹⁶ NjengaseNingizimu Afrika lapho, mfowethu, sike sakuthinta lokho. Bangibuza. Elinye iqembu libhaphathiza kathathu, babheke phansi. Omunye wayebhaphathiza kathathu, ulale ngomhlane. Futhi bathi . . . Ngathi, “Nikutholaphi lokho na?”

⁹⁷ Omunye wathi, “Ngenkathi Efa, iBhayibheli lathi Wagebela ngaphambili,” wayesethi, “ngakho-ke sifanele sibagebisele ngaphambili.”

⁹⁸ Ngase ngithi, “Yebo-ke,” kwelinye iqembu, “kwaba yini . . . Nina-ke?”

Wathi, “Sewake wamngcwaba umuntu ubuso bakhe bubheke phansi na?”

⁹⁹ Yebo-ke, futhi uyazi ukuthini na? Bazehlukanisa benza amaqembu amabili, izinhlangotho ezimbili. O, bakithi, bazalwane! Yilokho impela okufunwa ngudeveli. Yilokho impela akufunayo. Yebo. Zithole . . .

¹⁰⁰ Manje, niyabo, akusiyona iApostolic Faith Mission, kumbe—kumbe noma—noma yiPentecostal Assemblies, ngakwelinye icala. Akusikho lokho. Kukhona abantu abalungileyo kuwo omabili amaqembu, njengoba ekhona lapha. Kodwa, niyabo, yinqubo yalento.

¹⁰¹ Kufana neKatolika nje, njengoba bengihlale ngisho. Uma eliKatolika, futhi ethembele kuKristu ensindisweni, usindisiwe. Impela, kunjalo. Uma ethembele ebandleni, ulahlekile. Futhi noma ubani kinina bazalwane bamapentekoste uyazi, uma sibheke kwibandla lePentekoste ukuba lisisindise, “thina, phakathi kwabantu, singabalusizi kunabo bonke,” kunjalo, ngoba silahlekile. Kunjalo.

¹⁰² Kodwa uma sibheke kuJesu Kristu, khona-ke sisindisiwe, “ngokukholwa kwakho,” (ini?) umsebenzi osuqediwe.

Nalezizinto ezincane ezisebenzayo, nezimpawu, akwenzi umehluko omkhulu.

¹⁰³ Manje, ngathi kuMfowethu Scism, ku... noMfowethu Ness, "Ukuphendula umbuzo wenu," ngathi, "manje, angivuni nhlangothi zenu bazalwane. Futhi ngiyazi, uma nje nisaqophisana, nobabili nisephutheni. Niyabona na? Ngoba, ngiqoka ukubanephutha emfundisweni yami, ngibe neqiniso enhliziyweni yami, kunokuba ngibe neqiniso emfundisweni yami, ngibenephutha enhliziyweni yami." Niyabona na? Ngathi, "Eqinisweni, kuyisimo senhliziyo yenu."

¹⁰⁴ Futhi ngakwenza lokho kwaba yinjwayelo, ukwazi lokhu; ukuthi uma umuntu, nomangabe wenzani, futhi nokuthi wehluka kangakanani, futhi nokuthi uthini ngami; uma enhliziyweni yami, hhayi ekubeni ngumsebenzi nje, kodwa enhliziyweni yami ngingeke ngamthanda lowomuntu njengalokhu ngithanda noma ubani omunye, khona-ke ngiyazi ukuthi kukhona okuliphutha lapha phakathi, niyabo. Kunjalo, ngoba, akunandaba uma e...

¹⁰⁵ Umfowethu omncane wafika, esikhathini esingeside esedululeyo, umfowethu omncane weChurch of Christ. Futhi, o, wama ehla lapho, wayesethi, "Lomfo ngudeveli." Niyabona na? Wathi, "Ukusho ngoMoya oNgcwele." Wathi, "Ayikho into enjalo. Bona, yebo, ngabapostoli abalishumi nambili kuphela abemukela uMoya oNgcwele. Futhi—futhi ukuphulukisa kukaNkulunkulu kwanikelwa labobapostoli abalishumi nambili kuphela." Wase eqhubeka, cishe ingxenye yehora.

¹⁰⁶ Ngase ngithi, "Awume kancane nje, mfowethu. Ngicabanga ukuthi ufanele uthi ukunginika ithuba ukuba ngivikele Lokhu, niyabo." Ngathi, "Uthe wena ukhulume lapho iBhayibheli lakhuluma khona, futhi wathula lapho Lithule khona."

Wayesethi, "Senzenjalo."

¹⁰⁷ Ngathi, "Manje, uthe wena babelishumi nambili kuphela abapostoli abemukela uMoya oNgcwele. IBhayibheli lathi, 'Kwakukhona ikhulu namashumi amabili ekamelweni eliphezulu ngenkathi uMoya oNgcwele ehla, abesifazane nabo bonke.' Futhi ungangitshela, ucabanga ukuthi uPawulu wayengenawo uMoya oNgcwele na? Futhi waWemukela kudala emva kwalokho, niyabo. Futhi wena uthe isiphiwo sokuphulukisa saphiwa abapostoli abalishumi nambili kuphela. NoStefane wehla, ezinsukwini ezimbalwa kamuva, futhi wayengesuye owabalishumi nambili. Wayengesuye ngisho umshumayeli. Wayengumdikoni, futhi wehlela eSamariya futhi wakhapha amademoni." Ngathi, "O, mfowethu!" Kwathula cwaka khona lapha, lapho ayekugcine khona.

¹⁰⁸ Futhi emva kokuba sekuphelile, "Kodwa," ngathi, "Ngiyakuthethelela ngokuthi ungibize ngodeveli, ngoba ngiyazi ubungaqondile lokho."

109 Kwathi-ke lapho eseqedile, wakhuphuka. Wathi, “Kunye engingakusho. UnoMoya kaKristu wena.”

110 Ngathi, “Manje, mfowethu, ngiyikuphi na, ngingudeveli noma ngingokaKristu na?” Niyabona na? Niyabona na?

111 Kodwa ngiyanitshela, niyabo, ngoba umuntu, wayesho ukuthi ngangimthanda; akunandaba, wayephika, futhi ephika kabi kabi futhi eshaya. Wa . . .

112 Ngingumzingeli, futhi ngiba nezilwane zasendle, yonke impilo yami. Nabantu bathe, “Kanjani . . .” Ngalesosikhathi lapho ngibulale lelobhele, ngommese, niyabo. Bathi, “Wawungalesabi yini na?”

113 Ngathi, “Qhabo. Ukuba ngangikade ngilesaba, lalizingibulala, niyabo.”

114 Kodwa, niyabo, ungeke—ungeke uwakhohlise. Ayazi noma uyawesaba, noma qha. Ake wesabe ihhashi, bese uyaqaphela ukuthi ihhashi liyokwenzani, liyokugxoba. Niyabona na? Ngakho uma wesaba . . . Ungeke ulikhohlise. Ufanele ulithole ngempela.

Futhi kungaleyondlela nakuSatane.

115 Kungaleyondlela phakathi kwabantu. Ufanele ubathande abantu. Ungeke ulikhohlise nje. Ufanele ube nalo, kungenjalo ubunjalo bakho buyokhomba ndawo thize, niyabo. Kunjalo. Ufanele ubathande ngempela abantu, futhi bayazi ukuthi uyabathanda. Niyabo, kukhona okuthize ngakho.

116 Nalendoda manje, yabiza umkami, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, yase ithi, “Ngabe uMfowethu Branham ukhona na?”

Wathi, “Qhabo.”

117 Wathi, “Yebo, yinye into engingayisho. Angivumelananga naye, esayenseni yezenkolo, kodwa ngithi uyinceku kaKristu.”

118 Yebo, kwathi-ke, kwathi-ke ngaphambi kokuba ngihambe, wangithumelela incwadi, wayesethi, “Ngizokwenyuka, uma usubuyile nje. Ngifuna lowombhaphathizo kaMoya oNgcwele okhuluma ngawo.”

119 Ngakho, niyabo, lapho nje uma ubune . . . Ukuba nganginalokho kuphatheka, kokuthi, “Ngani, akukho lutho kuwe. Ihlelo lakho elidala alilungile, futhi—futhi nonke nina bantu beChurch of Christ anilungile. Anilungile. Nina, ningodeveli.” Ngangingeke neze ngiyizuze leyondoda. Futhi ukuba ngangiyitshela ukuthi ngiyayithanda, kodwa ngibe ngingakusho ngenhliziyo yami, ibiyokwazi kangcono. Kuyilokho nje okukukho. Ufanele ukusho phakathi enhliziyweni yakho.

120 Futhi lokho kungobusuku ngenkathi ngisuka kulowomsamo, ngaphansi kwalokho kwahlukaniswa, niyabo. Angicabangi ngakho. Angikudli nje ukudla ngesikhathi sedina; futhi ngizile ngikhuleke, ngihlale endlini. Ngoba, Wangethembisa

ukuthi Uyokwenza. Futhi ngakho-ke ngihamba ngingenakho nokukodwa ukungabaza, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Ngakho-ke, niyabo, eyami... Ngiyazi injongo yami i (yini?), impokophelo yami i (yini?), ngukuqhutshelwa phambili koMbuso kaNkulunkulu.

¹²¹ Uma umuntu ehamba ngalendlela, ngaleyondlela, nomangabe uhamba liphi isonto; inqobo nje uma eza kuKristu, akunandaba kimi. Futhi lokho kusenhliziyweni yami. Niyabona na? Futhi akunandaba, uma sihamba siye ngale futhi sijoyine iChurch of Christ, kulungile nje. Kuhle. Uma e... Noma nhloboni yesonto ayijoyinayo, akunandaba kimi. Kepha inqobo nje uma ngizuya umphefumulo wakhe ngiwuzuzela uKristu, yilokho okuyinto enkulu.

¹²² Ngakho ngathi, “Mfowethu Ness, kungesikho ukwehluka...” Manje ngizokhombisa. Ngabe kulungile ukusebenzisa *lokhu*, mfowethu na? [Umfowethu uthi, “Impela.”—Umhl.] Ngathi, “Ngifuna ukusho futhi ngichaze.” Futhi, kulokhu, ngingathi kini bazalwane lapha. Manje, ningakusho lokhu phakathi kwamabandla enu. Futhi uma niyokwenza, ngisizeni, nje—nje—nje mangibe umfowethu nje, niyabo. Futhi mina, futhi uma—uma nginephutha, khona-ke ningithethelele. Kodwa ngifuna ukunichazela, njengalokhu kukhona amaqembu amabili ngaphansi namhlanje ekuseni, abo bobabili iOneness ne—ne Assemblies, futhi, nenkolo kaziqu-zintathu.

¹²³ Manje ngifuna ukwenza lenkulumo. Ngifuna ukusho ukuthi ngikholwa ukuthi amacala omabili anephutha, inqobo nje uma besaphikisana bodwa, ngoba izinjongo zabo ziliphutha. Futhi inqobo nje uma izinjongo zenu ziliphutha; akunandaba ukuthi impokophelo yenu iyini, kodwa izinjongo zenu kuleyo mpokophelo iliphutha, khona-ke soze yasebenza. [UMfowethu Branham ungqongqoza kane epulpiti—Umhl.] Kunjalo.

¹²⁴ Manje, abanye abantu bathe, “Mfowethu Branham, ungu Jesus Only.” Ngifuna ukusho ukuthi lokho kuyisiphosiso. Angisuye uJesus Only.

¹²⁵ Omunye uthi, “Mfowethu Branham, ungokaziqu-zintathu na?” Qhabo, mnumzane. Angisuye okaziqu-zintathu. NgingumKristu. Niyabona na? A—a—angi... Igama elithi ubuziqu-zintathu aliphathwa ngisho naseBhayibhelini, igama “ziqu-zintathu.” Futhi angikholwa ukuthi kukhona oNkulunkulu abathathu abehlukeneyo.

¹²⁶ Ngikholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu; uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Yingakho impela sayalwa ukuba sibhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Ngikholwa ngukuthi nguNkulunkulu ezithobisa, ehlela phansi.

127 Manje, uNkulunkulu, ngenkathi Eqala ukubonakala kumuntu, Wayesesimweni seNsika yoMlilo. Niyakukholwa lokho, anikukholwa na? I... Noma yimuphi umfundi weBhayibheli owaziyo ukuthi iNsika yoMlilo eyayisehlane yayiyiZwi-mcabango, ukuthi leyo kwakuyiNgelosi yesiVumelwano, okwakunguKristu.

128 Ngoba, Wathi...?...Ngikholwa ngukuthi nguJohane oNgcwele 6 lapho, Wathi, “Engakabikho u Abrahama,” wathi, “NGIKHONA.” Wayeng “NGIKHONA.”

129 Ngakho, lowo kwakunguNkulunkulu, ongcwele; ngisho uma umuntu ethinte intaba, ufanele abulawe, niyabo. Kulungile. Manje, yena lowoNkulunkulu wayezama ukuzisebenza Yena luqobo abuyele esidalweni saKhe Abesidalile. Manje, Wayengenakuza eduze kwabo, ngoba babenesono, futhi igazi lezimbuzi nelezimvu alizange lisuse isono. Siyakwazi lokho. Kuphela nje lalisemboza isono.

130 Manje, kodwa ngaleyonkathi yena lowoNkulunkulu owayeyiNsika yoMlilo, Waba yinyama, ngeNdodana yaKhe, wakha emzimbeni owawubizwa ngeNkosi uJesu Kristu. IBhayibheli lathi, “KuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba.” NoJesu wathi e... Kuhle, kuTimothewu wokuQala 3:16, “Kuvunyiwe ukuthi, inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu.” Futhi uma bakubiza ngokuthi inkulu, kungani, besiyokwenzenjani, niyabona na? “Inkulu imfihlakalo kaNkulunkulu; ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa yizingelosi, wamukelwa phezulu eNkazimulweni,” kanjalo kanjalo. Manje, futhi Wathi kuJohane 14, kuTomase, “Uma usubone Mina, usubone uBaba. Pho usholani ukuthi, ‘Sikhombise uYihlo na?’” IBhayibheli lasho, ukuthi, “UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisela izwe kuYe.”

131 Manje, uNkulunkulu angebe abantu abathathu, oNkulunkulu abathathu. Ngisho noJesu angebe nguYise kuYe uQobo, ebunyeneni. Niyabona na? Ngakho, uyabo, kwenza kokubili kube liphutha impela.

132 Manje, futhi manje uma nje nizoqaphela, akukho ndawo... Uma sinoNkulunkulu abathathu, singabahedeni. Manje, siyakwazi lokho.

133 NjengeJuda lathi kimi ngesinye isikhathi, ngenkathi ngikhuluma nalo, lathi, “Uyena muphi kubo onguNkulunkulu wenu na? Uyena muphi onguNkulunkulu wenu; uYise, iNdodana, noma uMoya oNgcwele na? Uyena muphi ongowenu na?”

Ngase ngithi, “Ngani, abekho oNkulunkulu abathathu.”

134 Lathi, “Ungeke unqume—unqume uNkulunkulu abe yizijuqu ezintathu bese uMnikeza iJuda.”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.” Ngathi. . .

¹³⁵ Ngenkathi uJohn Rhyn esephulukisiwe ebumpumputheni, laphaya eFort Wayne, niyazi; nalo rabi enhla lapha eMishawa-. . . kumbe eFort. . . eBenton Harbor. Wathi, “Ungeke unqume uNkulunkulu ezijuqwini ezingekho ezintathu bese uMnika iJuda.”

¹³⁶ Ngathi, “Impela qha. Angimnqumi.” Ngathi, “Rabi, kungabanzima kuwe ukukholwa ngabaprofethi na?”

Wathi, “Qhabo.”

¹³⁷ Ngathi, “Ku Isaya 9:6, wayekhuluma ngobani, ‘Sizalelwa uMntwana, siphiwa iNdodana, eyothiwa uMluleki, uNkulunkulu onaMandla, iNkosi yokuThula na?’”

Wathi, “Lowo kwakunguMesiya.”

Ngathi, “Manje, rabi, budlelwane buni ayoba yibo uMesiya kuNkulunkulu na?”

Wathi, “Uyoba nguNkulunkulu.”

¹³⁸ “Yilokho ebengikucabanga.” Niyabona na? Manje, niyabo, kunjalo impela. Yilokho Ayikho. Futhi ngakho ngathi, “Ngitshele manje lapho uJesu ahluleka khona ukugcwalisa ncamashi lokho umprofethi athi Uyokwenza.” Futhi waqala ukukhala wathi ukuhamba hamba. Ngathi, “NgaloKho, uJohn Rhyn unokubona.” Niyabona na?

Wayesethi, “Makube kude noNkulunkulu ukuba abe nendodana!”

¹³⁹ Ngathi, “UJehova omkhulu wasibekela owesifazane, njengalokhu athi umprofethi Uyokwenza, wase edala ingqamuzana leGazi. Nangaleyongqamuzana yeGazi kulapho kuvela khona umzimba kaKristu.

¹⁴⁰ “Buka, eTestamenteni eliDala, Rabi,” ngathi, “lapho umuntu ehamba ukuyokwenza umnikelo, wayethatha iwundlu. Wayazi ukuthi wayephule imiyalo kaNkulunkulu, ngakho wayethatha iwundlu. Azivume izono zakhe, naleliwundlu lalibulawa. Ngenkathi i. . . izandla zakhe ezibeke phezu kwewundlu; ukuvuma kwakhe ukuthi wayazi ukuthi ufanele ukufa ngenxa yesono sakhe, kodwa iwundlu lalithatha indawo yakhe. Nengqamuzana legazi lahlakazeka; futhi wayelibamba iwundlu elincane ngesandla sakhe aze akuzwe ukuphila kwalo okuncane kuphuma kulo, futhi ligongobala. Abese-ke umpristi, ngokusobala, achithe igazi phezu ko—phezu komlilo, i altare lethusi lokwahlulela.”

¹⁴¹ Ngase ngithi-ke, “Lowomuntu, bese, aphume lapho, azi ukuthi iwundlu lalithathe indawo yakhe, kodwa wayephuma nesifiso esifanayo akade enaso ngenkathi engena, niyabo, ngoba lalingenakusisusa isono. Niyabona na? Kodwa, bese, ngalendlela-ke, ‘Okhonzayo esehlanj ululwe kanye, akasayikuba

novalo ngesono.’ Lapho, kwakukhona umnikelo owawenziwa njalo ngonyaka. Kodwa,” ngathi, “manje kukhona lesisikhathi, ‘okhonzayo esehlanjululwe kanye, akasayikuba novalo ngesono.” Ngoba. . .

¹⁴² “Suka, Rabi. Embaleni obomvu wenhlayiya yegazi, lokho kuphila okuncane okuqala engqamuzeni, okuvela ebulilini besilisa, kungene kowesifazane. Futhi owesifazane uveza iqanda; kodwa, isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma singazange sihlange ne nkukhu yesilisa, asisoze sachamusela.”

¹⁴³ Futhi ngathi, “Kwase kuthi-ke uNkulunkulu, omkhulu kunakho konke owagcwalisa sonke isikhathi nomkhathi, waba ngowehlela phansi waba yimbewu encane eyodwa esizalweni sowesifazane.” Ngase ngithi-ke, “Uma sisindiswa namhlanje. . . UJesu wayengeJuda engengoweZizwe, ngoba iqanda laveza inyama kuphela. IGazi lalinokuPhila. Ngakho thina—thina si. . . IBhayibheli lathi, ‘Sisindiswa yiGazi likaNkulunkulu.’ Niyabo, WayengeJuda engengoweZizwe; WayenguNkulunkulu. Ngakho-ke, uma siza e altare bese sibeka izandla zethu, ngokukholwa, phezu kwekhanda laKhe, bese sikuzwa ukudabuka nobuhlungu eKalvari, bese sivuma izono zethu, ukuthi sisephutheni, futhi Wafa esikhundleni sethu!

¹⁴⁴ “Kwase-ke, niyabo,” ngathi, “igazi lalelowundlu lalingenakubuyela phezu kwalokhu, igazi eli. . . Ingqamuzana lahlakazeka, nokuphila okwachithwayo, ekuhlakazeni lengqamuzana yegazi lewundlu, lalingenakubuyela phezu kokhonzayo, ngoba kwakungukuphila kwesilwane, futhi kwakungenakulungelana nokuphila komuntu.

¹⁴⁵ “Kodwa ngalesisikhathi, ngenkathi lelongqamuzana leGazi lihlakazwa, kwakungesuyena umuntu nje. Lokho kwakungukuPhila kukaNkulunkulu, kwathukululwa. Futhi uma okhonzayo ebeka izandla zakhe, ngokukholwa, phezu kweNdodana kaNkulunkulu, bese evuma izono zakhe; hhayi ukuphila komunye umuntu, kodwa ukuPhila kukaNkulunkulu kuyabuya kungene kulomuntu, okungukuPhila okuPhakade. Igama Zoe, elihunyushwa lithiwe, uku ‘Phila’ kukaNkulunkulu uQobo. Futhi Wathi Uyosinika ukuPhila, ukuPhila okuPhakade, futhi manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Nakho lapho ukhona.”

¹⁴⁶ Ngathi, “Manje kuyini na? NguNkulunkulu, ezithobisa. Wafika, kuqala; ‘akukho muntu owayengaMthinta,’ ngoba umuntu wayonile. Khona-ke Wehlela phansi emzimbeni, ‘ukuze ezwe isono, ukuba athathe isono.’ Niyabo, Yena, into kuphela uNkulunkulu angayenza, ukuze abe ngolungileyo, kwakungukuba enze ngaleyondlela.”

¹⁴⁷ Njengalokhu, ukuba benginamandla esikhundla alezi izethameli namhlanje ekuseni, njengalawo uNkulunkulu ayenawo phezu kwesintu, futhi ngathi, “Umuntu wokuqala

obuka kulesosigxobo uyafa,” bese uTommy Hicks ebuka kuso na? Manje, njengalokhu, ngithatha uCarl-... “Mfowethu Carlson, wena mfele.” Lokho kungebe ukulunga. Ngithi, “Leo, ungunobhala wami; wena mfele.” Lokho kungebe ukulunga. “Billy Paul, ndodana yami, wena mfele.” Lokho akulungile. Indlela kuphela engingaba nokulunga ngayo, kungukuba kube yimina uqobo lwami engithatha indawo yakhe.

¹⁴⁸ Futhi yilokho uNkulunkulu akwenzayo. Yena, uNkulunkulu, unguMoya. Futhi Wadala... Yena, Waguqula isimo saKhe. Bekufanele kumangalise, kubantu, ukucabanga ngoJehova omncane. Wayengafika, eyindoda ekhule ngokugcwele, kodwa Ufika emkhombeni, phezulu kwenqwaba yomquba. UJehova omncane, ekhala njengomntwana. UJehova omncane, edlala njengomfana. UJehova omncane, umbazi, njengesisebenzi. UJehova omncane, esenjejaneni. UJehova, elenga phakathi kwamazulu nomhlaba, nezigaxa zamathe namathe agxazayo okudakwa nezikhwehlela zamabutho ebusweni baKhe. UJehova, efela abantwana baKhe. UJehova, efa, ukuba ahlenge; hhayi omunye umuntu, kodwa uNkulunkulu uqobo lwaKhe! Niyabo, uNkulunkulu, leso kwakuyisikhundla saKhe. Ngani na? Uzama ukubuyela emuva enhliziyweni yomuntu.

¹⁴⁹ Manje, sasingeke siMthinte, *Lapho. Lapha*, saMthinta ngesandla sethu. Manje Wenzani, ngomnikelo walowomzimba na? Uba nguJehova *kithi*. Siyizingxenye zaKhe. NgoSuku lwePentekoste, iNsika yoMlilo yaqhuma yasakazeka ngokwaYo, nezilimi zoMlilo zahlala kulowo nalowo, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezahlukanisa luqobo lwaKhe phakathi kweBandla laKhe.

¹⁵⁰ Ngakho, bazalwane, uma kuphela singabuthana ndawonye, bese siletha Lokho ndawonye! Khona-ke sinoJehova ekugcwaleni, uma sibuthana ndawonye. Kodwa singakwenza kanjani thina, nxa *lona* ekhuluma ngezilimi enombhaphathizo, *lona*; bese egcina *lokhu* ukukhotha koMlilo ngapha, *nalona* na? AsiWuhlanganise ndawonye.

¹⁵¹ Ngenkathi uNkulunkulu, ngoSuku lwePentekoste, ehla, neBhayibheli lathi, “Izilimi zoMlilo zahlala kulowo nalowo kubo.” Base be... “Izilimi, njengoMlilo,” ukhotha. KwakuyileyoNsika yoMlilo izehlukanisa luqobo lwaYo futhi izicaza qobo lwaYo, phakathi kwabantu, ukuthi siyoba ngabazalwane. “Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; Mina ngikiMi, nani nikiMi.” Futhi, thina, simunye. Simunye, asehlukene.

¹⁵² Manje, uJehova uNkulunkulu, phezulu *Lapha*, wayengenakusithinta isintu, ngenxa yomthetho waKhe Qho wobungcwele; uJehova uNkulunkulu waba yisono ngenxa yethu, wase ekhokha intengo; ukuthi yena lowoJehova uNkulunkulu akwazi ukuza ahlale *kithi*. UNkulunkulu *ephezu*

kwethu; uNkulunkulu *enathi*; uNkulunkulu *ekithi*. Hhayi oNkulunkulu abathathu; uNkulunkulu oyedwa! Oprofesa baze bahlanye, bezama ukuKulinganisa. Ku—kuyisambulo. Kufanele kwambulwe kuwe.

¹⁵³ Manje, manje, uma sekuza embhaphathizweni, manje, abantu abaningi... Manje, nifanele nenze lokho, bazalwane. Kumbe, kunjengoba ngasho kuMfowethu Seism noMfowethu Ness, ukuthi uma u... I—impikiswano yaqubuka. Futhi noma yimuphi, abaningi benu zifundiswa lapha ninokuningi kunami; kodwa ngenze okuningi ukufundisisa phezu kwalesisihloko. Futhi ngifunde iPre-Nicene Fathers, uMkhandlu waseNicaea, nabo bonke abalobi bemilando, kunjalo kunjalo.

¹⁵⁴ Leyonkulumo—mpikiswano yaqubuka eMkhandlwini waseNicaea. Izinhlangothi zombili zaya embewini; ngenkathi iKatolika ivunana kakhulu kakhulu nohlangothi lukaziqu-zintathu, olunye lwaya kwabaka munye, futhi zombili izinhlangothi zaphuma. Kunjalo impela, ngoba umuntu wayenokuthile ayezokwenza kukho.

¹⁵⁵ Ufanele uyekele uNkulunkulu ukuba akwenze, futhi akukho sidingo kithi sokuzama ukukulinganisa. Asibe abafowethu. Ake siqhubekeleni phambili siyekele uNkulunkulu enze into Athe uzoyenza. Uma Engongenasiphelo futhi azi izinto zonke, futhi wabikezela ukuphela kusukela ekuqaleni, singenza kanjani noma yini ngakho na? Vele uqhubeke nje. Yileyondlela. Hamba esinyathelweni, njengoba ngishilo izolo ebusuku, noJoshuwa wethu omkhulu.

¹⁵⁶ Manje bukani, uma kukhona oNkulunkulu abathathu... Ngifuna ukunikhombisa nje ukuthi lokhu kuyihlaya kanjani. Uma kukhona oNkulunkulu abathathu, ngakho-ke uJesu wayenguYise waKhe qobo lwaKhe... UJesu wayengeke abenguYise waKhe qobo lwaKhe, abe emunye. Futhi, uma bebathathu, Akazalwanga ngokuzalwa yintombi. Manje bangaki... [UMfowethu Branham uyafanekisa, usebenzisa izinto ezintathu—Umhl.] Ngizothi *lona* nguNkulunkulu uYise; *nalona* nguNkulunkulu iNdodana; *nalona* nguNkulunkulu uMoya oNgcwele.

¹⁵⁷ Manje, kinina bazalwane abehlukeneyo lapha, qaphelani lokhu umzuzu nje futhi niyabona ukuthi ngizama ukukhomba ini. Ngiyathandaza ukuthi uNkulunkulu uzonenza nikubone. Manje, bukani, nina nobabili nikholwa yinto efanayo, kodwa uDeveli usevele wangena phakathi kwenu wase enibhidliza ngakho. Kuyinto efana nse, futhi ngizokufakazisa kini, ngokusizwa nguNkulunkulu, nangeBhayibheli likaNkulunkulu. Uma kungesilo iBhayibheli, khona-ke ningakwemukeli. Kunjalo.

¹⁵⁸ Kodwa manje bukani. [UMfowethu Branham uyafanekisa, esebenzisa izinto ezintathu—Umhl.] *Lona* (yini?) uNkulunkulu

uYise; *lona* nguNkulunkulu iNdodana; *lona* nguNkulunkulu uMoya oNgcwele. Kuhle, manje, ake sithi ukuma kancane, sizibeke laphaya lezo zontathu; uNkulunkulu uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.

¹⁵⁹ O, a—angizukubanaso isikhathi sokwenza lokhu. Ngi... [Abazalwane bathi, “Qhubeka! Qhubeka!”—Umhl.] Kodwa, niyabo, kuhle, ngizosheshisa ngamandla ami onke. Ngithetheleleni, bazalwane bami, kodwa a—a—angikaze ngikhulume nani, futhi ngi—ngifuna ukukwenza lokhu.

¹⁶⁰ Bese-ke, bukani; uNkulunkulu uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Manje, Kwakungubani uYise kaJesu Kristu na? UNkulunkulu wayenguYise kaJesu Kristu. Sonke siyakukholwa lokho. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] Kulungile.

¹⁶¹ Manje, uma sithatha uMathewu 28:19, ngenkathi uJesu ethi, “Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Emva kwezinsuku ezilishumi, uPetro wathi, “Phendukani, nibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu.” Kukhona ukuphikisana okuqonde ngqo ndawo ndawo. Manje, asinga... kukhona i...

¹⁶² Wonke umuntu usefakazile, nezinto. Nakhu. Nansi inkolelo yami, futhi ngiyanenekela phambi kwenu, bazalwane. Angikusho lokhu le emapulpiti; kukinina. Kodwa ngifuna ukunikhombisa engikubonayo nhlangothi zombili, ngakho uMoya oNgcwele unembulela khona, niyabona.

¹⁶³ Manje, uMathewu 28:19, futhi uma—uma uMathewu 28:19 ephikisa iZenzo 2:38, ngakho-ke kukhona ukuphikisana eBhayibhelini, futhi Alinamsebenzi iphepha Elilotshwe kulo.

¹⁶⁴ Manje uma nizoqaphela kuMathewu isahluko 16, uJesu wanikeza uPetro isambulo, futhi wamnika izihluthulelo.

¹⁶⁵ Manje, khumbulani, iBhayibheli alembulwa yisayense yezenkolo yohlelo olwenziwe ngumuntu mumbé. Alinjalo. Yisambulo.

¹⁶⁶ Kwaba yisambulo, kuqala nje. Kwenziwa yini ukuba uAbela anikele kuNkulunkulu ngomhlathshelo omuhle kunoKayini na? “Kwembulwa kuye,” ukuthi kwakungesiwo amapentshisi, nama apula, namawolintshi, nama apula. Uma ama apula ezokwenza abesifazane bazibone ukuthi bahamba-ze, sifanele siwedlule ama apula futhi, mfowethu. Awucabangi kunjalo na? Manje, lokho, lokho kuzwakala sengathi kugxeka okungcwele, kodwa angiqondile ukusho lokho. Kodwa, kwakungesiwo ama apula. Qhabo, mnumzane. Manje, futhi uma lokho kunjalo, khona-ke, “Kwembulwa ku Abela,” ukuthi wayeyigazi likayise. Ngakho wanikela ngegazi, ngoba kwaba yisambulo. Yonke into yakhelwe phezu kwalokho.

167 Manje buka, nangu umdobi omdala ongazi lutho, ongenayo ngisho imfundo eyeneleyo. . . IBhayibheli lathi wayengazi lutho engafundile. Kodwa wayemi lapho, noJesu wabuza umbuzo, “Nithi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?”

168 “Omunye wathi, ngani, U—Ungu ‘Mose.’ Bathi Ungu ‘Mose.’ Ubani aba, wenza. . . bathi, nomunye wathi, ngani, Ungu ‘Jeremiyase, kumbe abaprofethi,’ *nalokhu, lokho*, kumbe *okunye*.”

169 Wathi, “Akusiwona umbuzo lowo. Ngibuze *nina*. Nithi Ngingubani na?”

170 Futhi uPetro wahlala wathi qekelele, wayesethi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.”

171 Futhi Wathi, “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona.” Manje qaphela. “Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa nguBaba waMi oseZulwini.” Niyabo?

172 Manje qaphela, manje, ibandla eliKatolika lithi Walakhela phezu kukaPetro iBandla. Lokho kuliphutha.

173 Ibandla lamaProtestane lithi Walakhela phezu kwaKhe uqobo. Kodwa manje qaphela futhi uthole, ubone ukuthi kunjalo.

174 Walakhela phezu kwesambulo sokomoya sokuthi Wabe Engubani, niyabo, ngoba Wathi, “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona. Inyama negazi akukwembulelanga lokhu. Ngithi kuwe wena unguSimoni; phezu kwalelidwala” (dwala lini na? isambulo) “Ngiyolakha iBandla laMi, amasango ehayidese awayikuLahlula.” [UMfowethu Branham ungqongqoza phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.]

175 Kwase-ke, ngenkathi uPetro emi ekhona ngenkathi kucashunwa uMathewu 28, wase ephenduka futhi, ezinsukwini ezilishumi kamuva, ngaleso sambulo, wase ebhaphathiza eGameni le “Nkosi uJesu Kristu.” Wakwenzelani na? Ngesambulo sikaNkulunkulu; futhi wayenezihluthulelo zoMbuso, mfowethu.

176 Manje ngingathi ukunilimaza kancane, ngakwelinye icala lenu, kodwa ake nime kancane. Akukho neyodwa indawo eBhayibhelini lapho noma yibaphi abantu bake babhaphathizwa khona eGameni lika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Akukho neyodwa indawo emiBhalweni. Futhi uma ikhona, iveze. Futhi uma ungathola noma yikuphi emlandweni ongcwele, kwaze kwaba sekubumbekeni kwebandla eliKatolika, ngifuna niyiveze. Akukho ndawo, manje, futhi lokho kuliqiniso.

Kodwa manje ake nime kancane, nina be Oneness, umzuzwana nje.

177 Manje, akukho ndawo lapho. . . Uma noma yimuphi umuntu engangikhombisa itekisi elilodwa lomBhalo lapho lesosimiso sasetshenziswa khona eBhayibhelini, sika “Yise, iNodana,

uMoya oNgcwele,” nibophezelekile ukuza ningitshela lapho othize ake abhaphathizwa kanjalo.

¹⁷⁸ Futhi abanye babo bathi, “Kuhle, ngizothatha okwashiwo nguJesu, hhayi lokho okwashiwo nguPetro.” Uma babephikisana, omunye nomunye, sizokwenzenjani na? Uma ngempela kungesuye uNkulunkulu, yiyiphi ingxenye yeBhayibheli eyiyo na?

¹⁷⁹ Konke kufanele kuvumelane futhi kuhlange ndawonye, futhi yisambulo sikaNkulunkulu kuphela. Izikole zethu soze zakufundisa. Kuyisambulo, okufanele uSibone.

¹⁸⁰ Khona-ke, uma lawo madoda amabili ayephikisana, omunye nomunye, hloboluni lweBhayibheli esilifundayo na? Ngazi kanjani noma uJohane 14 uliqiniso, noma qha na? Ngazi kanjani noma uJohane 3 uliqiniso, noma qha na? Kanjani, kanjani, ngazi kanjani na? Niyabona na?

¹⁸¹ Kodwa okuyiyonandlela kuphela engingaba nokukholwa ngayo kuNkulunkulu, ingukwazi ukuthi leloBhayibheli liyiqiniso, futhi ngikholwe ukuthi Liqinisile, futhi ngihlale naLo impela. Nakuba ngingaLiqondi, ngiyaLinyakazisa, noma kanjani.

¹⁸² Kodwa uma lezizimpikiswano ziqubuka, khona-ke ngiya phambi kukaNkulunkulu, ukuba ngithole. Futhi iNgelosi efanayo ehlangabezana nami emhlanganweni, nasebusuku, iseyiyo leYo Eyangifundisa Lokhu. Niyabona na? Manje bukani uma kuyikho, ukuthi kukanjani lokhu manje.

¹⁸³ Manje, uMathewu 28:19, ake siqaphele kancane nje manje. Futhi manje ngizothatha iZenzo 2:38 khona lapha, lapho uPetro athi, “INKosi uJesu Kristu.” NoMathewu wathi, “UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.”

¹⁸⁴ Manje lalelani. Wathi, “Nibabhaphathize...” Hhayi “egameni likaYise, egameni leNdodana, egameni likaMoya oNgcwele.” Akazange akusho lokho. Akukho “gama... egameni... egameni.”

¹⁸⁵ Akazange athi, “Nibabhaphathize *emagameni* kaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” ngoba futhi akunamqondo.

¹⁸⁶ Wathi, “Nibabhaphathize eGameni (G-a-m-a) likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] “. . .likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” isihlanganiso, “ne . . . ne . . . ne.”

¹⁸⁷ Hhayi “amagama.” Hhayi “egameni likaYise, igama leNdodana, igama likaMoya oNgcwele.” Hhayi, “*emagameni* kaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Kodwa, “eGameni,” G-a-m-a, ubunye, “likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Manje yimuphi kubo onegama eliyilo okungabhaphathizelwa kulo na? YiGama elilodwa. Yilona liphi na? Ngabe u “Yise” yilona gama

elifanele, kumbe i “Ndodana” yilona gama elifanele, kumbe u “Moya oNgcwele” yilona gama elifanele na?

¹⁸⁸ Yi “Gama,” ndawo ndawo. Ngabe kunjalo na? [Ibandla, “Ameni.”—Umhl.] Kuhle, manje ngifuna ukunibuza okuthize, ke. Uma i “Gama,” ke, uma uJesu athi, “nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya...” Bangaki abakholwayo ukuthi uJesu wakusho lokho na? [“Ameni.”] Leyo yimiBhalo. NguMathewu 28:19, “EGameni likaYise, iNdodana...”

¹⁸⁹ [UMfowethu Branham ubona okuphazamisayo—Umhl.] Ngabe yinto esi... Qhabo, kuyikho, ngicabange... Kulungile, mnumzane. [UMfowethu uthi, “Uxolo Mfowethu Branham?”] Yebo. [“Ngifuna ukuphendula leteyipu ngale, futhi angifuni kungigeje.”] Kulungile. [Akuthwetsshulwanga.]

¹⁹⁰ Manje, “eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Manje lalelani, bazalwane. Ayikho into ethiwa yigama lika “Yise,” ngoba uYise akusilona igama. Kuyisikhundla. Ayikho into okuthiwa yigama le “Ndodana,” ngoba iNdodana yisikhundla. Ayikho into okuthiwa yigama lika “Moya oNgcwele.” Uyilokho Ayikho.

¹⁹¹ Ngangikusho lokho ekudleni kwasekuseni kwabefundisi ngokunye ukusa, futhi omunye wesifazane... Phuma ohlelweni, nebala, wonke umuntu wayengahlakaza, noma yini enjalo. Wathi, “Awume kancane! Angizwa kahle!” Wathi, “UMoya oNgcwele uyigama.”

¹⁹² Ngathi, “Yilokho Ayikho. Mina ngingumuntu, kodwa igama lami angisuye u ‘Muntu.’”

¹⁹³ NguMoya oNgcwele. Lelo akusilo igama. Yilokho Ayikho. Yibizo, kusobala, kodwa akusilo i... Yi—yi... Akusilo igama.

¹⁹⁴ Manje, uma Athi, “Nibabhaphathize eGameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele,” futhi ngisho uYise, iNdodana, kumbe uMoya oNgcwele akasilo igama, manje-ke yini iGama na? Sifuna ukuthola.

¹⁹⁵ Manje, singakuthola konke endaweni eyodwa lapha, uma nje nizoqaphela futhi—futhi—futhi sinikeze isikhathi esincane manje, kumbe songe isikhathi esincane, bengiqonde ukusho njalo. Manje qaphelani uMathewu 28:19. Manje, angisho ukuthi...

¹⁹⁶ Ningahle, kungahle ukuba nikwenzile, abanye benu bodadewethu kumbe bafowethu. Ningahle ukuba nike nacosha incwadi, ngelinye ilanga, nase niyibuka ngemuva yathi, “UJohn noMary bahlala ngokujabula njalo njalo emva kwalokho.” Yebo-ke, ngubani uJohn noMary na? Yini, ubani uJohn noMary abahlala ngokujabula njalo njalo emva kwalokho na? Yinye kuphela indlela ozokwazi ngayo ukuthi uJohn noMary ubani; ukuthi, uma kuyindida kuwe, buyela emuva ufunde incwadi.

Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] Buyela emuva kokokuqala bese uyifunda yonke, futhi iyakutshela ukuthi ubani uJohn noMary.

¹⁹⁷ Kuhle, uma uJesu athi, uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, owathi, “Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, nelikaMoya oNgcwele,” kunjalo noYise, iNdodana, kumbe uMoya oNgcwele akusilo igama. Ngakho, uma kuyindida, kungcono sibuyele emuva ekuqaleni kweNcwadi.

¹⁹⁸ Manje ake sibuyele emuva esahlukweni 1 sikaMathewu, futhi sizoqala lapho, kunikezwa isizukulwane, kuze kwehlele evesini 18.

¹⁹⁹ Manje qaphelani, manje qaphelani kancane nje. [UMfowethu Branham uyafanekisa, usebenzisa izinto ezintathu—Umhl.] Lona nguYise, ngakwesokudla sami; lona phakathi nendawo yiNdodana; nalona nguMoya oNgcwele. Manje, lona nguYise kaJesu Kristu. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”] UNkulunkulu unguYise kaJesu Kristu. Sonke siyakukholwa lokho na? [“Ameni.”] Kulungile.

²⁰⁰ Manje uMathewu 1:18 wathi:

Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwabanje: U... nina uMariya esemiselwe uJosefa, bengaka wa... hlangani, wafunyanwa ekhuleliswe u... .

²⁰¹ [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane. Ibandla, “Moya oNgcwele.”] Bengicabanga ukuthi uNkulunkulu wayenguYise. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.]

Uzakuzala indodana, . . . bayoyiqamba igama lokuthi uJESU: . . .

Futhi uJosefa indoda yakhe, engumuntu olungileyo, . . . e nokungathandi ukumthela ihlazo, kodwa wayefuna ukumlahla ngasese.

Kulokhu, esazindla ngalokhu, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho, ithi, Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkako: ngokuba lokho akukhulelweyo kuye ngokuka . . .

²⁰² [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane. Ibandla, “Moya oNgcwele.) Bengicabanga ukuthi uNkulunkulu wayenguYise. Manje, ngabe Unoyise ababili, bazalwane na? [“Qhabo.”—Umhl.] Angeke abe nabo. Uma Wayenabo, Wayengumntwana wesihlahla, manje sinanhloboni yenkolo esinayo lapho na? Kufanele nivume ukuthi uNkulunkulu uYise noMoya oNgcwele usenguye uMoya oyedwa. Impela, Unguye. Impela, nguYe uMoya oyedwa. Manje, sesikwenzile, futhi siyakubona lokho.

Uzakuzala indodana, bayoyiqamba igama lokuthi uJESU: ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe esonweni sakhe.

. . . lokhu konke *kwenzeka, ukuba kugcwaliseke . . .*

203 Ngicaphuna umBhalo. Nina befundisi niyazi, njengoba ngihamba.

. . . *ukuba kugcwaliseke . . . kwakhuluma umprofethi, ngeNkosi, ukuthi,*

. . . *intombi iyokhulelwa, futhi . . . izale umntwana, bayakuyiqamba igama lokuthi u Emanuweli, okungukuthi ngokuhumusha, . . .*

204 [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane. Ibandla, “uNkulunkulu unathi.”] “UNkulunkulu unathi!” Ngabe kunjalo na? [“Ameni.”—Umhl.]

205 Manje-ke ubani iGama likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele na? [UMfowethu uthi, “uJesu Kristu.”—Umhl.] Kuhle, ngempela. Yilesa isizathu uPetro ababhaphathiza eGameni lika “Jesu Kristu.”

206 Kodwa, angikhathali, uma ubhaphathizwe egameni leNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa, lezo yizikhundla, futhi. Uma inhliziyo yakho ilungele uNkulunkulu, Uyayazi inhliziyo yakho.

207 Kodwa manje, manje, ngikuvezile lokho. Manje, manje ngithe. . . Manje uMfowethu Scism wathi, “Manje!” Kusobala, impela, lokho kwakubukeka njengabe Oneness, ngakho wayengene shi naye kulokho.

208 Manje ngathi, “Manje lapha ngifuna ukusho okuthize kini manje.” Niyabona na? Ngathi, “Manje ngifuna ukufakazisa kini ukuthi lawa, amadoda omabili, asho into efanayo.”

209 Manje, uMathewu wathi, “EGameni likaYise.” Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] Kulungile. UPetro wayesethi, “EGameni leNkosi.” UMathewu 28:19 wathi, “EGameni likaYise,” neZenzo 2:38 zathi, “EGameni leNkosi.” UDavide wathi, “INKosi yathi eNkosini yami.” KwakuNgubani na? UYise neNkosi yiGama elifanayo. UDavide wathi, “INKosi yathi eNkosini yami, ‘Hlala ngakwesokunene saMi.” Niyabo, “EGameni likaYise; eGameni leNkosi.”

210 NoMathewu wathi, “EGameni leNdodana,” noPetro wathi, “EGameni likaJesu.” Ubani iNdodana na? UJesu.

211 “EGameni likaMoya oNgcwele,” kwaba nguMathewu; noPetro wathi, “EGameni likaKristu,” iZwi-mcabango.

212 *UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,* “INKosi uJesu Kristu.” Ngani, kuphelele phaqa. Niyabona na?

213 UMfowethu Scism washo kimi. UMfowethu Scism, umfowethu we Oneness, wathi, “Mfowethu Branham, kunjalo, kodwa,” wathi, “*lokho yilokhu.*”

214 Ngathi, “Ngakho-ke, lokhu *yilokho.*” Kunjalo. Niyabona na? Ngathi, “Uma lokho kuyilokhu, lokhu *yilokho.* Pho niqophisana ngani na?”

215 Ngathi, “Ake ngibeke isiphakamiso kini, bazalwane. Uma nginokubhaphathiza umuntu, nakhu o . . .”

216 Ngathi, “Manje, nangu uDr. Ness.” Futhi omunye wathi, esikhashaneni esadlule, nina bazalwane, enanimazi uDr. Ness.

217 Nje, ngizothi, lapha, uMfowethu Hicks lapha, une . . . Ngicabanga ukuthi uneZiqu zobuDokotela. Ngabe kunjalo na? Kulungile.

218 Manje ngathi, “Uma uDr. Ness, ehlezi lapha . . .” Manje ngathi, “Uma bengifuna . . .” Manje, uma ngithatha umuntu ngimusa emanzini, ukubabhaphathiza, ngikuqonda njengoba ayekuqonda nje, ngathi, “Lezo kwakuyizikhundla ezaya eGameni laKhe.”

219 Ngathi, “Manje, abafowethu be Assembly basebenzisa izikhundla, nomfowethu we Oneness basebenzisa iGama.” Ngathi, “Manje ngizofakazisa kini, nobabili nisephutheni, futhi mina ngiqinisile.” Niyazi ukuthi niyoba kanjani ne . . . Ninamadoda asebunzimeni ngaleyondlela, ufanele uhlale uthi ukuba nomqondo wokwamukela okuhlekisayo, ukuthi ukuthombulula kancane. Ngakho ngathi, “Ngizofakazisa kini ukuthi nobabili nisephutheni, mina ngiseqinisiweni.”

220 Ngathi, “Manje ukuba-ke bengifuna ukuhlonipha uMfowethu Ness, bengiyothi . . .”

221 Kumbé, kumbé uMfowethu Hicks lapha, niyabo. Bengiyothi, “Hicks!” Manje, ngabe lokho kungezwakala kahle na? Qhabo. Hhayi-ke, uma bengingathi, “Dokotela! Hheyi, Doc! Uthini ngakho na? Manje, lokho kuzwakala kungukungahloniphi, akunjalo na?”

222 “Nini,” Ngathi, “yileyondlela nina ma Assemblies enenza ngayo, niyabona. Ngenkathi nina bafowethu abayi Assembly nithi, ‘Egameni likaYise, neleNdodana, uMoya oNgewele,’ nivele nithi, ‘egameni lomfundisi, udokotela.’”

223 Ngase ngithi, “Bese, wena mfowethu we Oneness, uma ubhaphathiza, uthi, ‘Jesu!’” Abasebenzisi . . .

224 Bona, abakaJesus Only, basebenzisa nje igama u “Jesu.” Baningi nje oJesu. Kodwa, YiNkosi uJesu Kristu, niyabo. Baningi . . . Ababhaphathiza egameni lika “Jesu,” impela angihambisani nalokho; akukho mBhalo. Thola okungokokuqala, ubone ukuthi akusiyona yini i “Nkosi uJesu Kristu.” Impela, UyiNkosi uJesu Kristu. Baningi oJesu, impela. Futhi u*Kristu* ngo “Gcotshiwe.”

225 Ngathi, “Manje, ukuba bengizosho into efanayo kuMfowethu Ness. Ngizothi, kungezwakala kahle yini kimi uma ngithi, ‘Hheyi, Ness na!’?” Ngathi, “Yileyondlela nina be Oneness eningakusho ngayo. Niyabona na? Kungebe yini lokho ukubukela phansi kokungahloniphi lowomuntu ofundile, futhi uneZiqu zobuDokotela na? Uma lokho ekufundele kanzima, ufanele abizwe ngeziqu zalokho.”

226 Futhi ngathi, “Ngakho uma ngithe, ‘Hheyi, Doc!’” Ngathi, “Lokho bekungezwakale yini kungubuluhlaza, ukuba umfundisi abize omunye kanjalo na?” Kumbe, ngathi, “Yileyondlela impela oyenzayo, kuphela uhlangothi lwangasesikhundleni.”

227 Kodwa ngathi, “Uma ngithatha umuntu ngimusa emanzini; ngenyukela lapho ngimbuze, ngixoxe, ngithole igama lakhe nokuthi ngabe ungubani, nokholo lwakhe.

228 “Bese ngiyakhuleka, bese ngithi, ‘Manje, Baba, njengalokhu Wasiyala ngokuthi, “hambani niye ezweni lonke nenze izizwe zonke abafundi, . . .”” Nina bazalwane niyazi ukuthi lokho yikhona okungokokuqala, niyabo. ““ . . .nenze izizwe zonke, abafundi, nibabhaphathize eGameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgwele; nibafundise ukugcina konke” O . . . konke Osifundise khona.’

229 “Ngakho ngathi, ‘Phezu kokuvuma kwakho kokukholwa; phezu kokuvuma kwakho izono zakho, nokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, mfowethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu.”

230 Ngathi, “Yileyondlela engibhaphathiza ngayo. Kokubili ngiyakwazisa izikhundla zaKhe, ukuthi wabe Engubani, kanyekanye uYise, iNdodana, noMoya oNgwele. Futhi isizathu sokuba uJesu asho lokho, kwa . . .”

231 Manje buka. Uma—uma lokho kungenjalo, unokuphikisana emBhalweni wakho; unokuphikisana. Futhi uzokwenzenjani uma . . . Uma-ke lomfowethu kaBuddha ebengasukuma athi, “Uthini ngalokhu na?” Bebeyothini uma bengitshele . . .

232 Ngale, ngenkathi lomfowethu ongumNdiya ecela inselelo uMorris Reedhead, wayesethi kuye, wathi, “Uthini ngoMark 16 na?” Wavele wagwajaza kulokho.

233 Awudinga kugwajazela lutho. Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Hlala naLo. Vele ukhuleke. Thola isambulo. Sonke sihamba ngokufanayo.

234 Niyabo, bobabili basho into, manje; akusizo izikhundla; akusibo ubuluhlaza. Ngathi, “Manje . . .”

235 NgiyaMazisa. WayenguYise; hhayi omunye uNkulunkulu. WayeyiNdodana; hhayi omunye uNkulunkulu. Yena lowoNkulunkulu! Kuyizikhundla ezintathu. UNkulunkulu esikhathini sobuBaba, uma ufuna ukukubiza kanjalo, kokobuBaba. UbuDodana; futhi nguye lowoNkulunkulu

phakathi kithi manje, “Ngiyoba nani.” U “Ngi,” isabizwana sobuntu, “Ngiyoba nani.” Ngakho, niyabo, yizikhundla ezintathu, hhayi oNkulunkulu abathathu.

Manje, mfowethu, uma abafundi bengazange bakusebenzise, futhi kwehle njalo . . .

²³⁶ Angisho lutho oluphambene nakho. Kulungile. Kodwa ngiyanitshela, uma umuntu ephumela lapha, ebhaphathizwe egameni le “Ntebe yaseSharoni, uMnduze weSigodi, neNkanyezi yoKusa,” futhi wakholwa nguJesu Kristu njengoMsindisi wakhe; ngingathi, “UNkulunkulu akubusise, mfowethu! Woza, asambe!” Niyabona na? Kunjalo. Ngoba, uma inhliziyo yakho ingalungile, awulungile, noma kanjani. Kunjalo impela. Futhi i—inhliziyo yakho ifanele ilunge.

²³⁷ Futhi ngathi, “Manje buka. Manje, uma bengizobingelela uMfowethu Ness lapha, bengizothi ‘uMfu. Dr. Ness.’ Kunjalo impela. Ungumfundisi. Ufanele ukwaziwa njengomfundisi. Ufundile, futhi wafunda kakhulu. UneZiqu zobuDokotela, ngakho ufanele ukubizwa ngo ‘dokotela.’ Leso yisikhundla sakhe, niyabo. Futhi igama lakhe u ‘Ness,’ nokho. Manje, ngingeke ngathi, ‘Hheyi, Ness! Hheyi, Doc!’ Qhabo, lokho kungelunge. Ngingathi, ‘UMfu. Dr. Ness.’”

²³⁸ “Niyabo, yilokho engikubizayo, niyabo, Ayikhona; uyikho kanye kanye uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, iNkosi uJesu Kristu.” Niyabona na?

²³⁹ Futhi ngathi, “Uma ngingake ngibhaphathize oyedwa emabandleni enu onke, yileiyondlela engiyobabhaphathiza ngayo.” Ngathi, “Ungamemukela, Mfowethu Ness na?”

²⁴⁰ Wathi, “Impela. Ubhaphathizwe eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.”

Ngathi, “Ungamemukela, Mfowethu Scism na?”

Wathi, “Impela, ubhaphathizwe eGameni likaJesu.”

²⁴¹ Ngathi, “Pho yini indaba ngani, bazalwane na? Anikwemukeli ngani lokho, bese nibhidliza lezizindonga lapho lezizidalwa ezizihluphekelayo zikhona. Abe Oneness bayafuna, ngempela, amabandla, afuna ukukhonza nama Assemblies. Nama Assemblies, ibandla, bafuna ukukhonza nabe Oneness. Nabazalwane bayileiyondlela. Bayileiyondlela. Kepha inqobo nje uma uDeveli esabenza balwe . . .”

²⁴² Manje niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, bazalwane na? Ngibheke ngakuleyonto eyodwa, uJesu Kristu, nokuhlanganiswa koMzimba kaJesu Kristu. Iyilokho inhloso yami. [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.]

²⁴³ Manje, angisho lutho ngokuthi, ‘Hheyi, awubhaphathiziwe eGameni likaJesu; uzoya esihogweni.’ Manje, umbhedo lowo.

244 Ngizonitshela ukuthi kwenzekani ngolunye usuku. Ngangisezansi eTexas. Ngaphambi kokusuka... Futhi a—abazalwane lapha bangofakazi kulokhu. Ibandla le Oneness, amashumi ayisikhombisa-nambili amabandla, axhasa umhlangano wami. Ngase ngibeka uMfowethu Petty, umfowethu oyi Assembly of God, phezulu emsamo ngalobobusuku. Manje, niyazi ukuthi lokho kuliqiniso. Ungumfowethu othandeka kakhulu, uMfowethu Petty, uma noma yimuphi kini emazi, uvela e Beaumont, eTexas. Ungomunye wabantu abalunge kakhulu kwesengake ngahlangabezana nabo. Umkakhe ungowaphenduka eKatolika, owesifazane ongcwelisiwe ngempela. Uyindoda yangempela kaNkulunkulu.

245 Ngitshele ukuthi ubani indoda elunge ukwedlula uRoy Wead, we Assemblies of God. Yisho noma yiyiphi yalamadoda, buka lapha, bonke laba abafowethu engibaziyo macala onke lapha. Umfowethu ovela ebandleni iFiladelfiya lapha, namadoda ase Assemblies of God, futhi obani abanye abantu abalungile na? Ngitshele ukuthi ukuphi. Ngitshele ukuthi ubani indoda elunge ukwedlula uJack Moore na? Awungitshela lokho. Uyilokho abakubiza nge... Bangababo. Akasuye ukhandalimshela okwakhe. Uthola ukhandalimshela okwakhe nhlangothi zombili; futhi kulapho la abantu bekhomba khona, futhi kulapho la eDeveli ekhomba khona.

246 Kodwa bonke bangamadoda kaNkulunkulu. UNkulunkulu ubaphe uMoya oNgcwele. Ukuba bekungengamusa kaNkulunkulu, ngabe sonke asisekho, nokuqophisana kwethu nezinto. Kunjalo impela. Kodwa umusa kaNkulunkulu usibophela ndawonye. Akumangalisi singacula sithi, “Libusisiwe ifindo elibopha izinhliziyi zethu othandweni lobuKristu.” Yilokho esikudingayo, ke.

247 Futhi ngakho niyazi ukuthini? UNsumpa owuJenene phezu kwe—kwebandla, wangibizela enhla, wayesethi, “Uyazi ukuthi wenzeni izolo ebusuku na?” Ubusuku bami besibili lapho.

Ngathi, “Yini na?” Ngathi, “Benginomhlangano omnandi.”

Wathi, “Ubunendoda epulpiti yakho ibiyisoni.”

Ngathi, “Bengingakwazi.” Bekukuphi na?

Wathi, “Lowo Mnu. Petty.”

248 “O,” ngathi, “isoni? Ngani,” ngathi, “ungumshumayeli we Assemblies of God, mfowethu.”

249 Wathi, “Yebo, kodwa useyilokhu eyisoni, ngoba akakabhaphathizwa ngokuyikho.”

250 Ngase ngithi, “Mfowethu, ngiyakucela ngitshele ukuthi kungani.” Ngathi, “UnoMoya oNgcwele.”

251 Wathi, “Mfowethu Branham, wathini uPetro na? Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho

ukuthethelelwa kwezono zenu.’ Ngakho-ke izono zakho ngeke zithethelelwe uze ubhaphathizwe eGameni likaJesu.”

Ngathi, “Ngabe yileyondlela, mfowethu na?”

Wathi, “Yileyondlela.”

²⁵² Ngathi, “Kusho ukuthi-ke uNkulunkulu uchitha inhloso yaKhe Qho, eZenzweni 10:49, ngokuba, ‘Kwathi uPetro esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgewele wehlela phezu kwabo ababelizwa Izwi,’ niyabo, futhi babengakaze babhaphathizwe, nhlobo. Kwase-ke, uNkulunkulu wapha abantu uMoya oNgewele ababengakaphenduki ngisho?” Ngathi, “Umi kuphi-ke ezweni manje na?”

²⁵³ Wathi, “Uyazi ukuthi sizokwenzenjani na?” Wathi, “Sidweba indingilizi encane, bese wena sikudwebela ngaphandle kwesiyingi sethu.”

²⁵⁴ “Bese,” ngathi, “Ngizodweba esinye, bese ngikudwebela ubuye ngqo ungene phakathi futhi.” Ngathi, “Ungeke ungidwebele ngaphandle, ngoba ngiyakuthanda. Uyabo, ungeke nje ukwenze.” Ngathi, “Nibaningi nina—nina bazalwane ngaphandle lapho eningithandayo futhi eningikhulwayo.” Ngathi, “Wena, ngizo—ngizo... Bazokuza, nomakanjani.” Ngathi, “Bazokuza. Futhi ungeke ungidwebele ngaphandle, uma ungidwebela ngaphandle, mina ngizokudwebela ngikungenise ngaphakathi.” Ngathi, “Uma wena wenza isiyingi esisodwa; uNkulunkulu, ngomusa waKhe, uyongenza ngidwebe esinye bese ngikudonsela phakathi futhi.” Kunjalo, ngibadwebele ukuba babuye babuye futhi.

²⁵⁵ Futhi, mfowethu, o, mangisho lokhu eGameni likaKristu. Ngi—ngine... Ngiyazi ukuthi ngibamba isikhathi lapha; futhi sekuthi impela akube yisikhathi sokuvala, ngiqagele, kodwa ake ngisho lezi, niyabo.

²⁵⁶ Futhi ngathi kuleyondoda, ngathi, “Ngiyohamba nawe inqobo nje uma uzoshumayela imiBhalo, futhi ubenothando, futhi ukholwa ukuthi lokho... futhi ushumayela futhi uthi wawubhaphathiza abantu... hhayi egameni lika ‘Jesu,’ uJesu yedwa. Qhabo, mnumzane. A—angeke impela ngahambisana nalokho, ngoba ngazana nenqwaba yoJesu; ngiyabazi e Afrika nasezindaweni ezahlukeneyo, abantu abethiwa ngoJesu. Kodwa uma uzosebenzisa igama leyethu i ‘Nkosi uJesu Kristu,’ ngizohamba nawe kulokho. Lokho kulungile. Ngiyonamathela ngakuwe. Ngicabanga ukuthi ufanele ukubeka u ‘Yise, iNdodana, noMoya oNgewele kuqala, uyabo, ukukuthola kahle.” Ngathi, “Ngicabanga ukuthi ufanele ukwenzenjalo.”

Kodwa wathi, “O, qha, qha! Lokho, lokho kubuyela emuva kuziqu-zintathu,”

Ngathi, “Akusuye uziqu-zintathu. NguNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu.”

²⁵⁷ Akusuye uziq-u-zintathu woNkulunkulu abathathu. Asinabo oNkulunkulu abathathu. Impela qha. Ayikho into enjalo. Kwakungafundiswa eBhayibhelini. Futhi kukhona uNkulunkulu oyedwa kuphela. “Yizwa, O Israyeli, NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho.” UNkulunkulu oyedwa! Umyalo wokuqala, “Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi.” Impela, UnguNkulunkulu oyedwa, hhayi abathathu.

²⁵⁸ Lokho ngukuhumusha kweKatolika; futhi kwasuka kwi Katolika kwaya kwiLuthela, futhi kwehle njalo, kanjalo kanjalo, futhi kukholwa ngokwejwayelekile phakathi kwabantu namhlanje ukuthi sinoNkulunkulu abathathu.

²⁵⁹ Futhi yilapho ongasoze... LeliVangeli alisoze liye kumaJuda... Okungukuthi, ngaprofetha ngokunye ukusa kumfundisi weJuda laphaya. Awusoze wathatha uNkulunkulu oziq-u-zintathu umnike iJuda. Awusoze wakwenza lokho. Okungukuthi, alinjalo; linomqondo ongcono kunalokho. Niyabona, wazi kakhulu ngeBhayibheli kunalokho. Kodwa Akakaze abe nguNkulunkulu omthathu-emunye, ku—kumJuda. Uma uzomazisa ukuthi Nguye lowoJehova, uzokwemukela khona manje. Impela! Nakho-ke, niyabo.

²⁶⁰ Futhi ngikukholwa konke lokhu. Njengoba uJosefa athi, “Bazalwane, ungazithukutheleli, ngoba uNkulunkulu ukwenzile lokhu,” uyabo. Ngakho, ngokuba lento injalo ukuze ilinde lesisikhathi, yilokho kuphela, ngoba unyaka wethu waBezizwe usuzophela. Manje, ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yethu yonke. Ngakho niyabo, bazalwane bami na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] Ngizama ukufinyelela entweni ethile, ukuthi, leliqembu labantu, lamadoda anombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

²⁶¹ Iqembu likaAimee McPherson, wenzani na? Kuqala wayengowe Oneness, ngiyakholwa; wase eyaphuma waba yi Assembly; wabuye wahosheka wazihlelela ngokwehluka; lapha esikhathini esingeside esadlule, wangenisa iqembu elincane, into encane.

²⁶² Ngangihlezi emhlanganweni ka O.L. Jagers. Manje, sonke siyamazi u O.L. Jagers. U—ubaba wakhe wasiza ekuqambeni uMkhandlu kaZwelonke we Assemblies of God. Manje, u O.L. ungumuntu omkhulu. Ungumshumayeli omkhulu. Ngamtshela, esikhathini esingeside esadlulileyo, ngathi, “Mfowethu Jagers, uma ngingashumayela njengoba wenza, bengingebenayo ngisho inkonzo yokuphulukisa.” Kodwa wayenalo lonke lelogazi newayini, nezinto, ngenkathi eqala okokuqala ngale.

²⁶³ Ngiyaxolisa, uma ngilimaza imizwa yenu, bazalwane, kulokho. Ngi—ngi... Kulungile lokho. UNkulunkulu angenza igazi lize, iwayini lize, kumbe amafutha eze, noma ngabe yini Afuna ukuyenza, kodwa lokho akuzithetheleli izono. Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Qhabo, nhlobo. “IGazi likaJesu

Kristu alisoze laphela amandla aLo, kuze kuthi lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe lisindiswe, lingabe lisona.”

264 Ngathi, “Mfowethu Jagers?” Ngamthatha; ngambizela phezulu. Futhi nganginoSomaBhizinisi bamaKristu. Ngathi, ngathi, “Mfowethu O.L.?”

265 Wathi, “Undawonaphi ezweni na?” Ngangisemotela encane endala eshibhile phandle lapho. Futhi wathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi bakubeke phandle lapha?”

266 Ngathi, “Leso yisifiso sami. Uma ngiza kuwe,” ngathi, “wenzeni na? Ungibeke ngale eHhotela iStatler, futhi ngivele ngama ekhoni. Bangihlalisa phansi etafuleni; angazanga ukuthi ngizosebenzisa muphi wona umese, noma lutho olunye. Futhi angizange... Ngehla ngedlula lapho, ngingagqoke bhantshi, futhi babefuna ukungixosha.” Futhi ngathi, “A—angazi ukuthi kufanele ngiziphathe kanjani.”

Wathi, “Ngizokuthatha ngikuwezele lapho, uma bempofu kakhulu ukukwenza.”

267 Ngathi, “Qhabo, mnumzane.” Ngathi, “Engifuna ukukwenza ukuba ngizidlele isiteki kanye nawe, uma uzosikhokhela.”

Wathi, “Kulungile.”

268 Ngakho-ke ngaleyonkathi saphuma saya kwenye indawo, sahlala phansi. Ngase ngithi, “Mfowethu Jagers, impela ngiyakuhlonipha okwakho...”

269 Futhi ungumngane wami othandeka kakhulu, umfowethu oligugu. Futhi nga—nganginencwajana yakhe, futhi wa... lapho ayenalowo wesifazane owayesandakuwelela nganeno evela phesheya kwezilwandle, owayenalelogazi ezandleni zakhe, nezinto. Ngakho nganginakho phakathi lapha. Ngangifuna nje ukuba akuphike nje, futhi nganginakho khona impela e—ephepheni lakhe, niyazi.

270 Ngathi, “Ngike ngabheka lapho uhambisana khona, uphethe, uzobanemvuselelo enkulu eqalile.” Imbangela, oSomaBhizinisi babenami ngale, impela.

271 Kubukeka sengathi abantu bangahle bazi. Uma uMoya oNgcwele engembula emsamo, Angengitshela yini ukuthi kwenzekani ezindaweni, bazalwane na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.]

272 Nginganitshela, izwi ngezwi, futhi ngikufakazise ngoMfowethu Carlson, lomfowethu *lapha*. Ngihlale emhlanganweni, izolo, ngabatshela lababazalwane ukuthi kuyobakhonani lapha namhlanje ekuseni. [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzame.”—Umhl.] Kunjalo. [“Ameni.”] Niyabona na? Ngoba, uMoya oNgcwele ungivusile, wase uthi, “Yima ngasefasiteleni.” Ngabheka, ifasitela, futhi Wangikhombisa impela ngqo *lokhu*. Ngathi, “Manje, bazalwane...”

[Umfowethu uthi, “Kunjalo.”] Ngikukhombisile lokhu, impela kunjalo. Lapho! Niyabona na?

Ngani, bebefanele ukukwazi.

²⁷³ Lapha esikhathini esingeside esadlulileyo, indoda yasukuma, lapha eChatauqua, yase ithi, “UMfowethu Branham ungumprofethi.” Angizisho ukuba ngingumprofethi. Niyabo? Kodwa yathi, “UMfowethu Branham ungumprofethi uma ephansi koMoya wokwahlukanisa, kodwa,” wathi, “o, iMfundiso yakhe iwushevu. Iqapheleni.” Ngacabanga, ukuthi indoda efundile, ingasho into efana naleyo na?

²⁷⁴ Kuchazani ukuthi *mprofethi* na? “Umhumushi kaNkulunkulu weZwi.” “IZwi leNkosi leza kumprofethi,” niyabo. Kodwa, yilokho nje, lokho akulapha kumbe ukukhuluma.

²⁷⁵ Kodwa, nomakanjani, Mfowethu Jagers. Futhi ngathi, wathi, o . . . Ngathi, “Ngibonile ngalowo wesifazane onalelogazi esandleni sakhe.”

²⁷⁶ “O,” wathi, “Mfowethu Branham, lokho yisimanga esikhulu kunazonke osewake wazibona!”

²⁷⁷ Ngathi, “Mfowethu Jagers, ngiyakuthanda. Kuqala, ngifuna wena ubeke isandla sami kwesakho. Asithi singabafowethu.”

Wathi, “Kulungile. Yini indaba na?”

²⁷⁸ Ngathi, “Wena ungomunye wabashumayeli abanamandla kakhulu kwengibaziyo. Uyi—uyithuluzi langempela likaNkulunkulu wena!”

²⁷⁹ Wathi, “Ngiyabonga, Mfowethu Branham. Impela ungozithobile.”

²⁸⁰ Ngathi, “Angisho lokho ukuba ngithobe. Ngisho lokho ngoba ngikholwa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu.” Kodwa ngathi, “Mfowethu Jagers, ngaphandle uma . . . U—ugijima kakhulu; awunaso isisindo esilingana nxazombili salokho okhuluma ngakho. Ugxile . . .”

²⁸¹ Futhi nansi indaba ngeningi lenu nina ma Assemblies of God, namanye amadoda, kulezizinkonzo zokuphulukisa. Angikumfowethu. Kuningi okubizwa . . . NoTommy, lapha, ungumfowethu olungileyo, futhi siyazi ukuthi ume uqine kangakanani. Kodwa kuningi okusezweni namuhla ngaphansi kwegama lokuphulukisa kukaNkulunkulu, akumangalisi ningafuni ukuxhasa umhlango edolobheni. Bayafika bophise abantu, bese bephuma. Futhi banani-ke na? Ungabaniki abantu okuthe xaxa okwenzayo uma usemsamo, epulpiti yakho qho. Futhi niqinisile, bazalwane. Ngiyanitshela, niqinisile. Kodwa nje kufana . . .

²⁸² Ngangifunda umlando kaMartin Luther. Wawuthi, “Kwakungesiyo imfihlakalo ukuthi uMartin Luther wayekwazi ukusola ibandla eliKatolika, futhi ahambisane nalo.” Niwufundile umlando wakhe. “Kodwa ukuthi uMartin Luther wayekwazi ukuphakamisa ikhanda lakhe phezu kwayo yonke intshisekelo imvuselelo yakhe, yayilapho imfihlakalo.”

²⁸³ Futhi uma izimanga ezivelayo zenzeka, abangasokile bayalandela, njengoba kwakunjalo nje eGibhithe. Futhi bekuhlala kudala inkathazo ezweni. Siyakwazi lokho, uma siphumela lapho. Abavusa uKora, noNkulunkulu wakubhubhisa. Kodwa, bazalwane, anginisoli.

²⁸⁴ UMfowethu Jagers wahlala laphaya futhi wazama ukungitshela ukuthi lokho kwakunguMoya oNgewele owenza lokho. Futhi wathi... Futhi nganginakho, ephepheni lakhe uqobo... Ngathi, “Mfowethu Jagers, manje,” ngathi, “Ngingumfundi wesigaba sesikhombisa emfundweni. Futhi wena unguDokotela wezobuNkulunkulu, futhi ufundele ukuba ngummeli. Wakhuliswa kwelihlanzekile, ibandla elihloniphekile, i Assemblies of God. Uyihlo wasiza ukusungula lolokholo. Futhi nguwe ohoshekayo, kukuwe.” Kodwa ngathi, “Kukunoma yimuphi umuntu, ofuna ukwenza lokho. Angidwebi migqa lapho. Kodwa uma sekufika endaweni lapho ithuluzi njengawe, elingazwa izinkulungwane zemiphefumulo kuKristu, bese wakhela inkonzo yakho phezu kwemizwa.” Ngathi, “Mfowethu Jagers, wakha insika *kanjalo*, uma ungenasisindo esilingana nxazombili salokho, izowa emva kwesikhashana. Futhi ufanele ubenomBhalo walokho okhuluma ngakho.”

Wathi, “Ukhona umBhalo.”

Ngathi, “Uveze.”

²⁸⁵ Wathi, “Qha, Mfowethu Branham,” wathi, “lowo nguMoya oNgewele owenza lokho.”

²⁸⁶ Ngathi, “Ngikhombise, emBhalweni, lapho Owathi khona uMoya oNgewele wake wenza igazi laphuma kumuntu, nokunye, kanjalo. Kukhombise nje; amafutha ethelwa phezu kwabo. Uthe, ‘Lawomafutha ayengawokuphulukisa kukaNkulunkulu.’ Futhi uthe, ‘Lelogazi lowesifazane liyoba yinsindiso yezizwe.’” Ngathi, “Uma kunjalo, pho-ke kwenzekani eGazini likaJesu Kristu na? Liyasusa. Futhi yonke into iphambene naLo, lingumphiki. Liphambene naLo.” Ngathi, “Kuphenduka kube yimfundiso yomphikukristu.”

“O,” wathi, “Mfowethu Branham, uyofunda ngelinye ilanga.”

²⁸⁷ Ngathi, “Ngethemba ukuthi angisoze ngafunda kanjalo. Manje, mfowethu,” ngathi, “Ngiyakuthanda, futhi ungumfowethu.” Futhi ngathi, “Mfowethu Jagers, uzokhwela egatsheni, emva kwesikhashana, ongeke uze wehle kulo. Buyela

ebandleni lakho, futhi ubuye uhlale eVangelini.” Futhi ngathi, “Ungalakheli phezu kwemizwa.” Ngathi, “I. . .”

²⁸⁸ Manje usenalo, ubhaphathizela ekuPhileni okuPhakade, niyazi, “Njalo uma ubhaphathiza, ubuyela emuva ube ngwesifazane omncane kumbe owesilisa. Manje lokho kuzo. . . Awuzuku (soze) fa.” Ngakho, lokho, usesekugcineni kwegatsha njengamanje; nalawoma “philisi amavithamini aphuma oLwandle oluFile.” Niyabona na? Kodwa kuyilokho, mfowethu, waqala phezu kwaleyomizwa emncane.

²⁸⁹ Nani nina madoda lapha eninalamabandla, nivumela into enjengaleyo ingene edolobheni, futhi, niyazi, uDeveli unobuqili, futhi u—ugxumela phakathi kulezozinto kanjalo. Uqophisana ngakho. Futhi u—ulimaza abantu, futhi ubanga ukudideka ebandleni, nezinto. Kodwa akunj alo.

²⁹⁰ Manje, lapha. Akunandaba ukuthi uqinisile kakhulu kangakanani, nansi into eyodwa esehlulayo nesigejayo, bazalwane bami. Manje sengiyavala, ngokusho lokhu. Akunandaba nomangabe ngiqinisile kangakanani, nokuthi ngingowombhalo kangakanani, nokuthi ngazi kangakanani ngeBhayibheli likaNkulunkulu; uma ngingenawo uMoya kaNkulunkulu, wothando, enhliziyweni yami, lwesintu sonke, khona-ke ngisephutheni kusuka ekuqaleni nje.

²⁹¹ Manje, uPawulu wathi, kwabaseKorinte bokuQala 13, “Noma nginolwazi, niyabo, futhi ngiqonda zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu, niyabo; phansi kwakho konke, ngime; ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. Futhi noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolwezingelosi,” lezo yilezo okhuluma ngazo noNkulunkulu, futhi njalo yilezo ezinokuhunyushwa. “Noma ngikhuluma ngezilimi, izilimi zangoqobo zabantu nezezingelosi, kepha ngingenalo uthando, uthando, akungisizi ngalutho.” Ngakho uma ngizazi zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu, futhi ngingazisombulula futhi—futhi ngizenze zonke zishaye ndawonye, futhi ngingenalo uthando, kusiza ngani na? Futhi uma ngi. . .

²⁹² UJesu wathi, “Ngalokhu bonke bayakukwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ni. . .” uma ama Assemblies ethandana ne Oneness, ne Oneness ithandana nama Assemblies, “uma ninothando, omunye nomunye,” kukuhle kukubi. Futhi inqobo nje uma impokophelo iliphutha, ngiqonde ukuthi, injongo iliphutha, khona-ke usephutheni zisuka nje. Akunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] Niyabo, “Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nezingelosi, kepha ngingenalo uthando, angikabi yilutho.” Ngoba, uNkulunkulu uluthando. Siyakwazi lokho.

²⁹³ Futhi ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Manje, omunye wathi, “UMfowethu Branham akakholelwa ebufakazini

bokuqala.” Ngizothanda ukukucacisa nginani lokho manje. Niyabo? Ngizothanda ukunitshela.

²⁹⁴ Ngiyakholwa ukuthi uma umuntu emukela uKristu, wemukela ingxenye kaMoya oNgcwele. Ngoba, uJesu wathi, kuMathewu i-isahluko 12, wesahluko 5 namashumi amabili-... ivesi 24, Wathi. Qhobo, ngikhoholwa ukuthi nguJohane oNgcwele 5:24. Wathi, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” Manje, yinye kuphela indlela yokuPhila okuPhakade. “Futhi akasayi ekwahlulelweni; kepha usephumile ekufeni wangena ekuPhileni.”

²⁹⁵ Manje, ngiyakholwa ukuthi akekho umuntu ongazibiza; nguNkulunkulu ombizayo. Futhi uma uNkulunkulu ngempela embizile... Futhi kukhona inqwaba yabantu, siyazi, bazalwane, osetshenziwe futhi ocabanga ukuthi uNkulunkulu umbizile, kodwa impilo yabo ngokushesha... thola, uyakuthola. Kodwa uma uNkulunkulu ekubiza, ngani, wena, uyoba lapho, futhi uyohlala lapho, niyabo, uyazi. Futhi-ke uma... Manje, leyo akusiyona imfundiso yeBaptisti. Niyakwazi lokho, niyabo.

²⁹⁶ Kodwa, ngoba angikhoholwa ekuxhawulaneni izandla bese uthi unokuphepha kwaPhakade, nayoyonke leyonto. A—angikhoholwa kulokho, nhlobo. Uma befuna ukukukholwa lokho, kuhle, kulungile. Ngisalokhu ngisho ukuthi bangabafowethu.

²⁹⁷ Namhlanje ekuseni, ukuba bengizocela ucezu lukaphaya, (njengoba sekuthi akube yisikhathi sedina nje), ngingathanda owenziwe ngokusamathunduluka, mhlawumbe wena ungathanda owama apula, kodwa sobabili sidla uphaya. Niyabona na? Ngakho akwenzi mehloko, inqobo nje uma sidla uphaya.

²⁹⁸ Yileyondlela esikhoholwa ngayo. Uma ufuna ukuba yi Oneness, yiba yi Oneness; uma ufuna ukuba yi Assembly of God, yiba yi Assembly of God. Uma ufuna ukuba yinoma yini, iBaptisti, iPresbyterian, yiba ngumKristu kuyo. Niyabona na?

²⁹⁹ Futhi—futhi zihlOLELE ngesingawe, kodwa ningaqophisani. Ngoba, lezizinto ezincane, zonke zihlangana thaqa ndawonye. Kunjalo. Zonke zihlangana thaqa ndawonye bese ziya kuleyondawo eyodwa.

³⁰⁰ Futhi—futhi akunandaba ukuthi senzani, ukuthi zingaki izimangaliso esingazenza, zingaki izintaba esingazigudluzi, kumbe nomangabe kuyini; size sifike endaweni lapho sesithanda, hhayi ukuzenzisa, kodwa sesithandana. Lapho sithanda wonke umfowethu, kungabinandaba ukuthi ungowaliphi ibandla, simthande; singazenzisi nje sengathi siyakwenza, ngoba sazi ukuthi kungumqondo wenkolo, ukuthi, “Sifanele sikwenze.” Kodwa, ngoba siyakwenza, siyathandana; bese, kuba ukubekezela, sibekezelelana.

³⁰¹ Futhi ngiyakholwa, kukwabaseKolose 3, cishe 9, lapho nje... ngingahle, a—angi... Ngingahle ngingasho wona umBhalo, kodwa Kwasho lokhu. Emva kokuba sesingumKristu, asifanele ukuba nomona. Niyabona na? Singeke saba nokukholwa uma sizama ukuhloniphana sidumisane sodwa. Niyabo, singeke sikwenze lokho; singeke saba nokukholwa. Sifanele sidumise uNkulunkulu, niyabo, sidumise Yena. Ukukholwa ngabafowethu, impela, luthando; kodwa izinhlonipho nodumo kuya kuNkulunkulu! Njenga... Kodwa yibani nokukholwa futhi nethembane. “Futhi ningaqambelani amanga.” Niyabona na? “Ningaqambelani amanga.” Uma nginitshela namhlanje ekuseni ngithi, “Ngiyanithanda,” kufanele ngikusho ngeqiniso lokho. Uma kungenzeki, ngingumzenzisi. Kunjalo impela.

³⁰² Manje, bazalwane, kulomugqa... Manje, uMfowethu Tommy, ngiyethemba angibambelelanga kakhulu lapha. Ngi... UMfowethu Tommy unokuthile azokusho emzuzwaneni nje. Kodwa ngingasho lokhu, uma ngiza phakathi kwenu... .

³⁰³ Ngiyakukholwa lokhu. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uBaba wethu wasibekela intombi ethiwa uMariya, wase edala kuye ingqamuzana leGazi elazala uJesu Kristu, owayeyiNdodana kaNkulunkulu, itabernakele lapho uNkulunkulu azifihla khona qobo lwaKhe, enyameni, wazibonakalisa qobo lwaKhe phakathi kwethu. “UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisela izwe kuYe uqobo.” Ngiyakholwa ukuthi lelongqamuzana leGazi lahlakazeka eKalvari, kukho ukuthethelelwa kwezono zethu. NoMoya waphuma kuYe wabuyela phezu kweBandla, ngoba, uKristu, uMoya oNgwele; uKristu, iZwi-mcabango, wawusukithina manje, uMoya oNgwele, ngombhaphathizo. Usenza... UKristu Wazehlukanisa luqobo, esipha ukuPhila kwaKhe sonke, ukuze thina, njengeqembu labantu, sibe yiBandla lika Nkulunkulu. Futhi esikhathini esingaside esedlule... .

³⁰⁴ Ngangivamise ukugibela. Niyakwazi lokho. Ubaba wami wayengumgibeli, umnembi omkhulu. Ngangivamise ukugibela. Saselusa i—i... e Arapaho Valley, kumbe ngiqonde iTroublesome River, ngale kwe Arapaho Range. INhlangano yamaHereford idlisa kulesosigodi. Futhi phezu kwalesosigodi, abafuyi bezinkomo, ba—banotshani obuningi kakhulu ababutshalayo. Futhi uma idlelo lizokhiqiza ifolishi eliyithani, ungagijimisa inkomazi e—edlelweni, phezu ngaphansi kwe Estes Park lapho, futhi ungagijimisa inkomazi kulawo ma pa-... . Amadlelo ami amakhulu okuzingela, phezu phakathi lapho. Futhi ngifuye phakathi lapho unyaka. Ngisaya, eSpring and Fall, uma ngi ofile futhi ngingaba nokuphumelela, ngigibelele ukuqoqa, ukuze nje ngibe phezu lapho, ngoba ngiyakuthanda ukugibela. Futhi konke phansi-na-phezulu iran-... lesosigodi, kukhona inqwaba yabafuyi bezinkomo

abanelungelo lokuba phakathi lapha, nokuthi badlise izinkomo zabo. Futhi esikhathini saseNtwasahlobo, isikhathi esiningi, bengibasiza ukuqoqela izinkomo ndawonye futhi bazixoshele phezulu lapho.

³⁰⁵ Futhi kukhona uthango lwezibuko, lapho bengenakuwelela emuva empahleni yomniniyo, behle bedlule esiqiwini njalo. Nomqaphi wesiqiwi sezinyamazane ame lapho abale lezozinkomo uma engena, uma zingena. Futhi ngihlale, usuku oluningi, ihora nehora; ngiqaphela ezikaMnu. Grimes zedlula, wayenama Diamond Bar; ezethu kwakungama Turkey Track; futhi babena—nama Tripod ezansi kwethu nje; namaJeffreys, nokunye. Kwakuthi—ke uma ngibeka umlenze wami, njengoba iningi lenu lazi, ngale kophondo lwesihlalo, bese ngihlala lapho bese ngiqaphela umqaphi wesiqiwi sezinyamazane emi lapho, ebala lezizinkomo.

³⁰⁶ Ngaqaphelisisa into eyodwa. Wayenganaki kakhulu uphawu olwalukuyo. Kodwa yinye ngempela into ayeyibheka, kwakulicici elichaza uhlobo lwegazi. Kwakufanele kube luhlobo lweHereford ngempela kungenjalo yayingadluli emva kwalolothango, kodwa uphawu alwenzanga mahluko ongako.

³⁰⁷ Futhi ngicabanga ukuthi yileyondlela okuyobangayo ekwaHlulelweni. Akazukubuka uphawu lwethu kodwa Uyobheka icici elichaza uhlobo lweGazi.

³⁰⁸ Ngiwenzile amaphutha ami, bazalwane, futhi ngenze izinto eziningi kakhulu ezingamaphutha. Futhi uma noma nini ekuhambeni kukhona engikwethulile, kumbe nizwe okuthize okungahle ukuba ngikuphawulile noma ngakusho, okungathi kuveza isikhubekiso, kumbe uma kukhona engikushilo namuhla ekuseni okungathi kuveza isikhubekiso, ngiyanicela, njengomfowethu ongumKristu kumbe udadewethu, ngithetheleleni. Angiqondile ukukwenza. Ukuphela nje nginithululele inhliziyo yami, ukuze sazi.

³⁰⁹ Uma kukhona noma yikuphi ukubhaphathiza okunokwenziwa, nina bazalwane kwenzeni, wena uqobo, niyabo. Okungukuthi, a—angikwenzi. Uma ngabanakho, yileyondlela engiyobhaphathiza ngayo, ofana nalowo. Akukho namunye wenu ongawuthatha, niyabo. Ngakho ungathatha umuntu, babhaphathizwa eGameni, likaYise, iNdodana, noMoya oNgewele, futhi babhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu Kristu, futhi. Ngakho uma kwenzeka kubakhona engimbhaphathizayo. . . kodwa angikakwenzi nokho. Kuphela ngibhaphathiza ebandleni okungelami, futhi yilabobantu lapho nje. Futhi yileyondlela abantu ababhaphathizwa ngayo ebandleni lami. Futhi uma nizobuka emuva, leyo yinkambiso endala yeMissionary, inkambiso endala yeMissionary Baptisti. Futhi manje uma . . . Yilokho nje.

310 Ngiyakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu. Ngiyakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Ngiyakholelwa ku—kuMoya oNgcwele ekhuluma ngezilimi. Ngiyakholelwa kuso sonke isiphiwo uNkulunkulu asipha iBandla laKhe. Ngihambisana nabo, ngekhulu lamaphesente. Kodwa ngikhulwa . . .

311 Angihambisani naleliningi lapha lokuphulukisa okuhle kakhulu esinakho yonke indawo namhlanje. Ngithanda ukuphawula lapha. Esikhathini esithile esadlule kwakukhona umfowethu . . . Futhi akusuye uMfowethu Tommy Hicks othandeka kakhulu, engimazisa njengenceku yeqiniso kaKristu. Kwakukhona omunye umuntu kwelinye izwe, futhi kulelizwe kwakukhona u . . . Kuphela waye, sonke isikhathi, “ngumphulukisi kaNkulunkulu omuhle kakhulu! Umphulukisi omuhle kakhulu,” niyazi, kanjalo.

312 Futhi ngathola incwadi emva kokuba umlisa e . . . webandla lamaLuthela. Nonobhala wami lapha uyazi siyifayelile. Ngeke ngilisho igama lomlisa, ngoba akusibo ubuKristu. Nakuba, ngingavumelani nemibono yalomlisa, kodwa kulungile impela. Ngiyamthanda. Ungumfowethu.

313 Kodwa sekufinyelele endaweni lapho sebebanohlobo oluthize lwemizwa, kumbe ukulishaya, kumbe enye into efana naleyo, niyabo. Futhi, lokho, lokho akukuhle, niyabo. Mfowethu . . . “Ukujwayeza umzimba kusiza ingcosana.”

314 Ngakho lomfundisi waseLuthela wamlobela lomfundisi wamphendula nge—nge—ngencwadi. Futhi wathi, “Nina bavangeli baseMelika enifika lapha,” wathi, “nakho konke ukuphulukisa kwenu okuhle kakhulu kuwownke umuntu!”

315 Futhi manje lokhu kuzwakala kuwunqambothi kancane kimi uqobo, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi angiqondile ukukusho ngaleyondlela. “Kodwa,” wathi, “ngenkathi uDeborah Stadskev omncane efa, leyongane, nalowomama wayeme lapho ngalolosuku eIndia- . . . eCarlifonia, lapho leyongane yayifele khona, futhi yayisibanda. Futhi wabona . . . walalisa leyongane ezingalweni zikaMfowethu Branham, futhi yena emi lapho futhi ekukhulekela. Futhi ingane yaqala ukudazuluka nokukhahlela; wase ekubuyisela kuye.”

316 Futhi wayazi ngendaba yaseMexico. Okungukuthi, singasesekela lesi isitatimende kwiFull Gospel yoSomaBhizinisi. Ufanele ube nento eyashiwo ngudokotela. Ngenkathi leyonganyana yomMexico ife ekuseni ngalelola, ngelesishiyagalolunye nqo, futhi lapha kwase kungeleshumi nanye nqo ngalobobusuku. UDokotela wabhala wakhapha isitatimende sakhe. UMfowethu Espinoza, iningi lenu nina bazalwane be Assembly of God elimaziyo, nguye owathola lesitatimende sivela kudokotela, ukuthi yafa.

317 Futhi ngabona umbono laphaya phezu kwesixuku; ngenkathi amakhulu amabili ezinkulungwane zabantu beKatolika beza kuKristu, eDolobheni laseMexico. Ngathi, “Ningakuthathi nje lokho. Angazi, leyongane... Ngibone umbono nje phandle lapha.”

318 NoBilly wayelapho, ezama, namashumi amathathu kumbe amashumi amane abangenisi, abakwazanga ukumgcina lapho lowo wesifazane omncane abengaphandle komugqa wabakhulekelwayo, naleyongane. Wayepulukutshela phakathi kwemilenze yabo, nakho konke. Ngakho, ekugcineni, ngathumela uJack Moore phansi. Ngathi, “Hamba, ukukhulekele.”

319 Ngabuka phandle lapha, futhi ngabona inganyana engumMexico imamatheka. Ngathi, “Awume kancane. Kuletheni lapha.” Niyabona na? Futhi lapho ngibeka izandla zami phezu kwaleyongubo yokulala... Lalikade liyidiva imvula, usuku lonke. Futhi babekade beyilokhu beme lapho kusukela ekuseni kakhulu ngalokho kusa, futhi lokhu kwakuthi akube eleshumi nanye ngalobobusuku. Ngase ngibeka izandla zami phezu kwenganyana. Kwaqala ukukhahlela nokutswininiza. Futhi baqala ukudazuluka.

320 Ngakho, base-ke bekuthatha bakwehlisa bathola isitatimende. Baya kudokotela, nodokotela wathi, “Ngiyaqinisa ukuthi ingane ifile, namuhla ekuseni ngelesishiyagalolunye nqo. Ibulawe yinyumoniya.” Niyabona na? Futhi ngakho-ke lezozinto zi—zi—ziliqiniso. Ziyizitatimende. Kufanele kubenjalo.

321 Sifanele sihlale njalo sethembekile futhi sibeneqiniso nganoma yini. Ungakwenzi noma... Vele ukuyeke kubeyilokho okuyikho. Makube... UNkulunkulu akadingi lusizo kunomayini. Niyabo, Unguye, UnguNkulunkulu.

322 Ngakho nakhu akushoyo manje, “Kodwa ngenkathi lomama ebiza uMfowethu Branham eMelika, emkhalela ocingweni, ‘Woza ngapha ungivusele inganyana yami!’ NoHulumeni waseMelika...”

323 Umkhwenyana wakhe ungumfundisi wamabutho eMpini. Futhi nonke niyamazi uJulius, abaningi benu bayamazi; wabhala incwadi yami ethi, *UmProfethi Uvakashela i Afrika*.

324 Nalowomama ozihluphekelayo wase Norway, edazuluka, eqhuma phezulu ngephimbo lakhe, wathi, “Mfowethu Branham, ngangimi lapho ngenkathi leyongane ivuka ekufeni!” Wathi, “Siyakukholwa ukuthi wena uyinceku ka... kaKristu.” Wathi, “Woza, ubeke izandla zakho kumntanami, futhi uzophila.” Yayife emzuzwini nje kumbe emibili, inenyumoniya; yagula cishe amahora amane, kumbe amahlanu.

325 Nalamadoda ayekade elapho nje, empongoloza ememeza, futhi egxuma phansi-na-phezulu, ethi, “UNkulunkulu uzokuvusa! UNkulunkulu uzokuvusa!” Futhi athi...

326 Ngalokho, eyaseMelika iNdiz-. . . kumbe, hhayi iziNdiza zaseMelika. UMbutho waseMelika wawuzongindizisa ungiwelise ngejeti, ubuye ungibuyise, ngosuku. Niyabona na?

327 Ngase ngithi, “Ngaphambi kokuba ngifike, ake ngithole intando yeNkosi.” Ngakho ngakhuleka, izinsuku ezimbili. Nalowodokotela wabanomoya omuhle ukuvumela leyongane ilale lapho.

328 Kwase kuthi-ke, ngokunye ukusa, ngavuka ngaqala ukuhamba ngaphumela ekhishini. Ngabheka; kumi lapho, ngaphezulu, ukuKhanya nje, okuthi akube ngangalokho kukhanya okulaphaya, kuzungeleza, kwathi, “Ungakuthinti lokho. Ungakusoli lokho. Lokho yisandla seNkosi.”

329 Ngagijimela emuva ngabiza isizwe, ngase ngibabiza ngathi, “A—angikwazi ukufika.”

330 Nalomfundisi waseLuthela wathi, “Awulindi ngani uze uthole isinqumo esingumnqamula—juqu esivela kuNkulunkulu, njengoba kwenza uMfowethu Branham, bese-ke uyazi ukuthi ukhuluma ngani!”

331 Manje, yilokho-ke, bazalwane, uma nje singeke sithi sisuka besigxumela eziphethweni; kepha silinde, sithole ukukhanya, isinqumo esingumnqamula—j uqu esivela kuNkulunkulu.


332 Futhi konke lokhu lapha, izindawo zokuphulukisa ezingazi lutho ngoNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi ukuphulukisa kukaNkulunkulu kugxile emgomweni, ukuthi ufanele uze kuNkulunkulu, kuqala, uMnike inhliziyi yakho, bese nigeza izimpilo zenu eGazini likaJesu Kristu, khona-ke uNkulunkulu uzohamba ayosebenza nawe futhi akuphulukise. Njengoba nje kwasho lomfowethu, ngowesifazane omncane ayekade emkhulekela ezansi lapho, ongewele kaNkulunkulu, niyabona.

333 Empilweni yami, ngenza amaphutha amaningi. Ngenze izinto eziningi ezingamaphutha. Ngizothi mhlawumbe, uma ngiphila isikhathi eside, ngiyokwenza amanye amaningi. Mhlawumbe amanye awo ayoba yizikhubekiso endleleni yenu. Ngethemba ukuthi beniyongithethelela.

334 Bengifunda ngo Abrahama, ukuthi wayenokudikibala kanjani. Ukuthi waba kanjani, wo, izinto azenzayo; wangabaza uNkulunkulu; futhi waqamba amanga ngomkakhe; nakho konke. Kodwa lapho incwadi yakhe elanda ngaye kaNkulunkulu isilotshwa kumaRoma 4, ayizange iwaphathe amaphutha akhe, kodwa yathi, “U Abrahama akazange angabaze” ngokungakholwa. . . nguNkulunkulu, “kodwa waqina.” Onke amaphutha akhe onke akhohlakala, ngenkathi incwadi kaNkulunkulu yokuphila kwakhe elanda ngaye ilotshwa. Ngisho ukudikibala kwakhe akuzange kube kusaphathwa. Amaphutha akhe awazange abe esaphathwa.

³³⁵ Futhi, bazalwane, ngiyethemba, ukuthi uma incwadi yami elanda ngami isifundwa ngaloloSuku, ukuthi Uyokwesula awami, nawo, futhi akayikucabanga ngawo. Ngiyethemba nenzenjalo, nani. UNkulunkulu anibusise.

³³⁶ [UMfowethu Tommy Hicks uyaphawula, wase ekhuleka. Ibandla lidumisa iNkosi, lase licula elithi *NgiyaMthanda*. Abazalwane baxhawulana ngokwangana, nodadewethu baxhawulana ngokwangana. Emva kwemizuzu eyisishiyagalombili uMfowethu Branham wabuyela embhobheni.—Umhl.]

³³⁷ Uma ngingakubona lokhu kwenzeka emhlabeni jikelele, ngingathi, “Nkosi, mukisa inceku yaKho ngokuthula!” 

UBUNKULUNKULU BUYACHAZWA ZUL61-0425B
(The Godhead Explained)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili ekuseni, ngo Aphreli 25, ngo 1961, eHoliday Inn eChicago, eIllinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©1993 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org